# *UJEHOVA-JIRA 2*

Ngiyabonga, Mfowethu Roy. Asibe silokhu simile umzuzwana nje ngenkathi sisakhuleka. Sikhothamise amakhanda ethu, uma nithanda. Futhi asicabange nje manje uma kukhona noma yini enhliziyweni yakho ongafisa uNkulunkulu akuphendule ngayo, kulobubusuku, isicelo esithile, makwazeke nje lapho uphakamisa isandla sakho, futhi uthi, "Nginesicelo phambi kukaNkulunkulu." Manje asikhothamise amakhanda ethu sisakhuleka.

2 Baba wethu waseZulwini, sithatha lokhu njengenhlanhla enkulu, ukuza kuWe; sazi lokhu, ukuthi uma siza ngeGama leNkosi uJesu, sithenjisiwe ukuthi sizokwemukela esikucelayo. Manje asizi esiHlalweni sobukhosi sokwaHlulela. Ngempela besingeke sifune ukuza lapho, noma esiHlalweni sobukhosi soBulungiswa. Kepha thina . . . ngukuza esiHlalweni sobukhosi soMusa, lapho esi—siqinisekile ukuba nezicelo zethu siphiwe zona. Ngokuba, besingeke simele ukwahlulela kwaKho, kanjalo besingeke siphile ngokulunga kwaKho, kepha umusa waKho yilokho esikucelayo. Sithethelele khona-ke, Nkosi, ngezono zethu. Siyakhuleka ukuthi Uzosipha lokho, nokuthi Uzoba nathi kulobubusuku, uphendula sonke isicelo lezozandla ebezikumelele njengoba beziphakanyisiwe. Uyazi ukuthi bekunani ngaphansi kwesandla, enhliziyweni. Futhi, Nkulunkulu, akukho kungabaza bekungokokugula, nensindiso, nabathandekayo. Siyakhuleka kulobubusuku, Baba, ikakhulukazi ngalabo, ukuthi Uzobapha izicelo zabo.

3 Manje besikhuluma ngenceku yaKho ethembekile, u-Abrahama, siqhubeka naye kulobubusuku, ohambweni lwakhe. Siyakhuleka ukuthi Uzosibusisa lapho sihamba sehla ngomgwaqo wamakhulu amaningi eminyaka eyadlula, nenceku ethembekile eyakholwa yiZwi laKho. Kwangathi kungaba yisibonelo, njengoba uPawulu asho kumaHeberu, ngalokho u-Abrahama ayeyikho, isibonelo. Futhi siyakhuleka ukuthi yena, ukukholwa ayenakho, kuzokwembulwa kithi kulobubusuku; ukukholwa iZwi likaNkulunkulu, futhi hhayi ukuLingabaza, iZwi elilodwa laLo, kodwa siLikholwe lonke, futhi sikholwe yikho konke Akushilo. Futhi kwangathi singakwazi ukubambelela kulezo zithembiso Asenzele zona, futhi sibe ngabantwana baka-Abrahama ngokuba kuKristu. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Hlalani phansi.

4 UMfowethu Borders uthe ukuba mude kancane kunami, ngakho ngizofanele ngithole imibhobho ethe ukwehlela phansi kancane. Futhi kuyinhlanhla ukuba lapha kulobubusuku

kulomhlangano futhi, nokukhulekela abagulayo, nokwenza noma yini uMoya oNgcwele asiyala ukuba siyenze. Ngifuna ukusho lokhu, ukutusa. Kwalolonke uhambo lwami ukudabula e-U.S., e-United States naseCanada, ngibone okuthile izolo ebusuku okungixhuxhumise ngaphezu kwazo zonke izihlalo ezinamasondo engizibone zithululwa, nazo zonke izinduku zokuqhugeka zibekwe phansi, izimpumputhe zibona, izithulu zizwa, izimungulu zikhuluma, abafileyo bevuswa, udokotela usayine isitatimende ukuthi "umuntu ubeshonile, futhi uvukile." Konke lokho bekuxhuxhumisa. Kodwa ngenkathi ngibone abantu izolo ebusuku, abangamalungu ebandla, bemukela iQiniso futhi basukuma ngqo phakathi kwabantu, ukuvuma ukuthi banephutha futhi bezimisele ukwenza okulungile, lokho bekungokuhle ukwedlula konke engikwaziyo.

5 IBandla, mhlawumpe uMlobokazi usevele ukhethiwe. Kungukuthi, Uyalungela manje. UkuMthola . . .

6 Imvuselelo isiphelile. Siyakwazi lokho. Awusekho umoya wemvuselelo. Amahora amabili enkonzo, wonke umuntu uyakhononda. Emvuselelweni, yimini nobusuku, ngaso sonke isikhathi, ayikhawuki neze. Imvuselelo ayisekho. Futhi ngakhoke siyakhothoza nje.

7 U-Abrahama kwadingeka akujulukele kuphume waze wathola isimilo. Futhi khona-ke ngenkathi esethole isimilo, into elandelayo kwaba ngukumlungiselela ngaleyonkathi ukuhlangana nomyeni. Leyo yinto elandelayo. Niyakhumbula lapho emthola na? Ngesikhathi sakusihlwa, ukukhanya kwakusihlwa.

8 Kushaqisa abesifazane nabesilisa, bobabili, izolo ebusuku; nokubabona, ngenhlonipho eZwini, besukuma futhi bavuma ukuthi banephutha, befuna ukuthethelela kukaNkulunkulu, nokuqhubeka. Le yindawo yokuba nemvuselelo. Uma ibiyoke ibekhona imvuselelo engiyaziyo, ibingenzeka khona ngapha, lapho izinhliziyo ezithembekile. Ngani? Unokuthile ongasebenzela kukho, niyabo. Okuthile . . . Abaningi babo bazoba ngabazidlayo, abafuni ubatshele ngakho; khumbulani nje, lolohlobo lwenzalo yinzalo yehlelo, hhayi iNzalo ka-Abrahama. INzalo ka-Abrahama iyalibona iZwi, futhi iyalikholwa iZwi, ngokushesha.

9 Ngenkathi lesosifebe esincane, emthonjeni ngalobobusuku, owesifazane emthonjeni . . . Kwakukhona abapristi norabi bemi nxazonke, bebuka uJesu enza, enikezela isibonakaliso saKhe sobuMesiya kubo, isibonakaliso sangokomBhalo, futhi bathi, "UnguBelzebule, udeveli, umbhuli."

10 Kodwa kwathi nje lokho kuKhanya kungabaneka kulowo wesifazane omncane, lapho Emtshela ayekwenzile, wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi UngumProfethi. Futhi siyazi ukuthi uMesiya uyeza, futhi, uma Efika, Uzositshela lezozinto."

Niyabo, ngokushesha leyoNzalo emiselwe ngaphambili yakubamba, ngoba kwakuyiNzalo ka-Abrahama, ngokweqiniso. Futhi wabona ukuKhanya. KwakuyiZwi. Wayazi ukuthi iZwi lakwethembisa lokho, uma uMesiya efika, Wayezokwenza lezozinto, futhi wakuqonda lokho.

UJesu wathi, "Nginguye Okhuluma nawe."

11 Wagijimela emzini futhi wazama ukukholisa abanye. Wathi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Kungebe nguye impela uMesiya lona na?" Niyabo?

12 Manje izwi nje kodadewethu. Bengihlala njalo ngithathwa njengozonda abesifazane, kodwa angisiye. Niyabo? Ngenkathi ngisengumfanyana omncane, nganginesipiliyoni esimunyu; kodwa bengihlala njalo nginenhlonipho enkulu ngowesifazane owayengowesifazane, inenekazi. Kodwa anginazo izinhlonipho ngalabo abazisho ukuthi bayibo futhi abasibo. Ngiyathanda ukubona inenekazi, inenekazi langoqobo langempela, liyigugu.

13 Kulolusuku lapho abesifazane ephendukezelwe, abaphendukezelwe kakhulu kulezizinsuku zokugcina. UmBhalo usho kanjalo. Ngani na? Ngukuphuma konyaka. Niyakhumbula ukuthi kwakuyini ukuphendukezela kokuqala na? Kwakungowesifazane. Kunjalo. Futhi osukwini lokugcina! Asikaze sibe nalokhu; sibe neminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha ukuthi amanenekazi azame ukuhlala engamanenekazi. Manje azama ukuziphathisa okowesilisa, befaka izingubo njengowesilisa, begunda izinwele zabo njengowesilisa, nokunye nokunye. Abazange bakwenze lokho kunoma yimuphi omunye unyaka. IBhayibheli liyakubikezela lokhu, ukuthi bayokwenza lokhu ezinsukwini zokugcina. Futhi nakhu lapha nikhona, ukuphendukezela kwabesifazane. Akumangalisi iBhayibheli lathi, "Labo abaphunyuka e—e—eSiyoni bayokhazimula ebusweni beNkosi, ngalolosuku." Niyabo, kanjani ukuthi labo abaphunyukayo!

14 Wena uthi, "Akwenzi mehluko." Kuyawenza umehluko. Omunye wathi kimi kungekudala, wathi, "Mfowethu Branham, leyonto encane ayenzi mehluko."

15 Ngathi, "Kwawenza kuPawulu. Futhi uPawulu wathi, 'Uma ingelosi evela eZulwini ifika futhi ifundise noma yini enye, mayibe ngeqalekisiwe.' Noma bangaba abefundisi, noma ingelosi, noma umbhishobhi, uphapha, noma ngabe uyini, makabe ngoqalekisiwe uma noma yini iphambene naLokhu." Niyabo, kunjalo impela. KwabaseGalathiya 1:8, uma nifuna ukuKufunda.

16 Futhi wathi, "Awu, angicabangi kanjalo. . . " Wathi, "Ngibone abesifazane abaneziwele ezimfishane, wayemnene nje futhi enomoya omuhle."

17 Ngathi, "Kunjalo impela, ngikubonile lokho nami. Kodwa lokho akusikho. Niyabo, nifanele nize kulokho okwashiwo yiBhayibheli!"

18 Kungathiwani ukuba uNkulunkulu wathi kuMose, "Khumula izicathulo zakho," futhi wathi, "Nkosi, ngizovele nje ngikhumule isigqoko, kunalokho"? Niyabo? Ufanele wenze lokho uNkulunkulu athi kwenze! Futhi inkathazo yakho kwakungukuthi, engiyicabangayo, engenza ngikhathazeke kakhulu ngakho, ukuthi abefundisi bazobekezelela into enjalo! Kuyini na? Kukhombisa ukuthi u-Adamu wesimodeni owahamba nomkakhe. Niyabo? UNkulunkulu ufuna omunye u-Adamu omi neZwi, futhi Yena yedwa, iZwi lodwa. IZwi liqinisile, kungakhathalekile! Ungahambi ngaleyondlela.

19 Akukaze, eminyakeni eyizinkulungwane eziyisithupha, kuke kube khona ukuthi abesifazane bake bafisa ukugunda izinwele zabo, bagqoke njengowesilisa, kuphendukezelwe. Sisesikhathi sokuphela. Futhi iMelika, noma ngubani owazi isiprofetho, uyazi ukuthi iMelika imelwe ngowesifazane. Lokhu kubizwa "ngenkululeko yabesifazane." Inkululeko yani na? Ukwenza njengoba ethanda, isono.

20 Owesifazane angeke enze lokho afuna ukukwenza. IBhayibheli lithi angeke. Owesifazane ungumkhiqizo ovele kamuva endodeni. Akekho ngisho kokudaliwe kwasekuqaleni. Kunjalo impela. Wathathwa kowesilisa. Owesilisa wayeyikho kokubili ubufazane nobulisa; Wathatha umoya wobufazane futhi wawufaka obanjeni oluvela ohlangothini lwakhe. Lalelani! Niqaphelile ngenkathi uRebeka wayehambile ukuyohlangana no-Isaka, ngenkathi egxuma wehla ekamelini, wazimboza ubuso ngeveli na? Kungani na? Wayeza enhlokweni yakhe.

21 Abakwazi. Bafanele bakwenze, noma kanjani. Niqaphelile owesifazane uma eshada, uzimboza ngeveli ebusweni bakhe na? Kungani na? Uza enhlokweni yakhe. Futhi iBandla, iBandla, njengoba linguMlobokazi, lifanele lizimboze ngeveli kunoma yisiphi isivumokholo, liza eNhlokweni yalo, iZwi. UKristu uyiZwi, futhi UyiNhloko.

22 Manje, bangani, angifuni ukuqala kulokho. Ngi—ngi—bengibuka ngaleya namhlanje, nezindikimba ezingamakhulu amahlanu, okungconywana kunezindikimba ezingamakhulu amahlanu, zezimfundiso ezijulile eBhayibhelini. Kodwa ngifuna nje ukuhlala no-Abrahama okwalomhlangano, ngandlela thize.

23 Niyazi, ngiyakholwa iNkosi ingahle, uma abazalwane bengakhathazeki, futhi uma wonke umuntu, ngingathanda ukubuyela lapha futhi ngibambe imvuselelo lapho eningahlala khona isikhashana, niyabo, lapho ebesingehla khona ngempela futhi nje sibuke. [Ibandla lishaya ihlombe—Umhl.] Ngiyabonga. Ngiyabonga. Ngiyabonga. Ngiyazi kunenhlanzi lapha, ngi—ngi—ngiyakwazi. Futhi ngiyathanda ukudoba. Futhi

ninokuphathekayo engingasebenza ngakho, umuntu othile othembekile. Noma ubani angaba nephutha. Anazi; ngifa nsuku zonke, emaphutheni ami, futhi ngizame ukuphila phambi kukaKristu. Futhi noma ngubani omkhulu ngokwanele, futhi enoMoya owenele kaNkulunkulu ukuba bakhuphuke futhi bavume ukuthi banephutha, athi, "Ngifuna into elungile," nginokuzethemba okukhulu khona lapho, ngokuba, leyo yiNzalo ka-Abrahama ngempela. Bafuna ukuKwazi. AbaKwazi ngaphandle uma beKuzwa. Kodwa kuzofanele Kuzwiwe kuqala, bathi, "Kanjani thina . . . ngaphandle komshumayeli na? Futhi umshumayeli angashumayela kanjani ngaphandle uma uNkulunkulu emthumile na?" Lelo yiQiniso ngempela. Manje, qaphelani manje.

24 Sibuyela ku-Abrahama manje. Kungcono sibuyele kuye, ngakho, futhi sikuqhubele phambili. Ningizwa kahle, phezulu kuvulandi osesitezi phezulu lapho na? Si . . . Kuhle ukubona, kulobubusuku, isixuku esihle kangaka. Ningabantu abathandekayo lapha. Ngempela ngi . . .

25 Bengikhuluma nomngani namhlanje, ovela eCanada. INkosi ingiholele ezansi endaweni ethile lapho ebengifanele ngibhekisise okuthile ukuba kwenzeke. Futhi-ke ngimile . . . Lo mngani, ngihlangane naye, futhi ubekhuluma ngokuthi abantu baseMelika babenobungani kanjani. Futhi ngathi, "Yebo, futhi phakathi lapha kukhona enye i—iNzalo emiselwe ngaphambili kaNkulunkulu, phakathi nangakulezizindawo, futhi kulendawo embi kakhulu." Angiqondile idolobha lenu lapha. Idolobha lami, engiphuma kulo, libi nje njengelenu. Kodwa umhlaba wonke mubi, kodwa amafuhlufuhlu onke lintante laya eNtshonalanga. Siyakwazi lokho. Impucuko ihambe nakho. Futhi lapho impucuko ikhona, yilapho isono sihlala khona. Kunjalo. Kubuke phansi phezulu lapha. Lena yindawo yamathuna yomshumayeli. Kunjalo. Buka eLos Angeles, yonke into nawo onke amazwe enkoloze khona phakathi lapho, futhi wonke umuntu unesivumokholo, imfundiso. Ukufaka iZwi lapho, angeke ukwenze. Konakele kakhulu! Kunjalo. Amademoni, odeveli, khona ngqo esihlalweni sikaSathane! Kodwa nokho phakathi kwakho konke, kukhona iMbewu ethile phakathi lapho, futhi. Futhi into kuphela ongayenza ukusabalalisa ukuKhanya. Futhi uma noma yikuphi kwalokho kuKhanya . . . Uma kukhona iMbewu lapho, izoza ekuPhileni ngokushesha nje lapho ukuKhanya kuyishaya. Ufanele nje uhlwanyele ukuKhanya, yilokho kuphela. Futhi UngukuKhanya kwakusihlwa, siyakwazi lokho, iZwi laKhe.

26 Manje, izolo ebusuku sishiye u-Abrahama. Ngiqale e—esahlukweni sama 22, kodwa angisiqedanga, ngoba ngiye ngasekela emuva kulokho u-Abrahama ayeyikho ekuqaleni. Futhi simshiye izolo ebusuku lapho uNkulunkulu wayeqinisa isivumelwano naye. O, ngiyakuthanda lokho. Ukudabula

isixuku, ukwenza i—isivumelwano no-Abrahama. Futhi ukuthi sinakho kanjani . . . Ngenkathi Ebize u-Abrahama, futhi wayezoqinisa isivumelwano kuye, Wamtshela ukuthi akathathe izilwane ezineminyaka emithathu ubudala ezintathu, futhi azehlukanise. Futhi sinokuthathu. Asinaso isikhathi sokungena kukho. He, ungahlala kuleyo eyodwa, leyondaba eyodwa khona lapho, kuze kube sekuseni, ibingeke ichazwe. Kodwa uthi nje ukushaya izindawo eziphakeme, bese ulindela uMoya oNgcwele ngalesisikhathi ukwembula konke okwakho.

27 Manje, kanjani ukuthi ukuphelela, uMhlatshelo ophelele, ukuphelela, uNkulunkulu waphelelisswa empilweni yomuntu lokho Ayezokwenza. Siyazi sine . . . SasinoNkulunkulu uBaba, owayenguJehova uMninimandla onke. Khona-ke Lokho kwakuseNsikeni yokuKhanya, kwathatha u-Israyeli wadabula ehlane. Futhi LowoJehova ofanayo uba yinyama futhi wakha phakathi kwethu, esimweni seNdodana yaKhe ezelwe yodwa, wadala iTabernakele laYo uQobo ukuhlala kulo, uNkulunkulu ebonakaliswa enyameni. Ukugcwala kukaNkulunkulu ngokomzimba kwakuhlala kuYe, ukubonakaliswa okuphelele. Khona-ke (ngesivumelwano) ingxenye yomuntu yaKhe yasuswa, yanqunywa, ukuze A (lesisivumelwano) hlukanise uMzimba owafayo, iGazi elachitheka ngenxa yokuthethelelwa kwezono, futhi Waphakanyiswa futhi Wahlaliswa ngasesandleni saKhe sokunene, futhi wathumela uMoya emuva oSukwini lwePhentekoste. Futhi lokho kuPhila okufanayo okwakuhlala kuKristu uJesu kuzofanele kuhlale kubantu besivumelwano, ukuPhila okufanayo kwenza into efanayo. UJesu wathi kuJohane 14:12, "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza." Manje, lokho kuphakathi kokuthi kuqinisile noma kuyiphutha. Kuzofanele kube ngokuqinisile! Kimi, lonke iZwi laKho liqinisile. Lonke iZwi liqinisile ngokuphelele. Qaphelani ukuthi uNkulunkulu usebenza ngokukhazimulayo kanjani.

28 Bese kuthi-ke kanjani labo bakaBaba . . . NjengoMathewu wathi, "Ngalokho hambani, nifundisa izizwe zonke, nibabhaphathize eGameni likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele." Niyabo? Manje, uBaba . . . Akusho ukuthi sinoNkulunkulu abathathu. SinoNkulunkulu oyedwa ezikhundleni ezintathu (ubuBaba, ubuDodana, uMoya oNgcwele), uNkulunkulu ofanayo izolo, namuhla, naphakade. Kunjalo impela.

29 Manje qaphelani ukuthi lokho kwakukhazimula kanjani lokho okwabonakaliswa ku-Abrahama, nokuthi kanjani ukuthi uNkulunkulu, kulokhu kuKhanya, wahamba kanjani phakathi kwalabophisi, ebanquma. Njengoba nje i . . . Sithathile izolo ebusuku, ukuthi babesenza kanjani isivumelwano, basibhale bese besidabula, ukuthi bafanele bahlangane okwesisila sejuba. Isivumelwano kumele sihlangane okwesisila sejuba.

30 Manje niyabona, bangani, yilokho engizama ukukusho. Ngisho phakathi kwabantu bakithi bePentecostal, kufanelekile kulodeveli wobuhlakani, ezama ukwenza abantu . . . Manje, ngiyakholelwa kuzo zonke iziphiwo zikaNkulunkulu. Ngiyakholelwa ekumemezeni. Ngiyakholelwa ekukhulumeni ngezilimi. Ngiyakholelwa kuzo zonke izinto ezashiwo uNkulunkulu. Kodwa nokho ungeke wethembela kunoma iyiphi yalezozinto zingukuthi yingakho uthole uMoya oNgcwele. Niyabo, impilo yakho izofanele ihambisane nakho. Niyabo? Eyakho . . . "Waziwa ngezithelo zakho." Niyabo? Futhi lezo yizinto ezingikhathazayo namhlanje, ngoba ngibona ibandla lami uqobo, ibandla lePentecostal, liba yilokho "isimo sokumesaba uNkulunkulu," lisuka eQinisweni. Futhi liletha iQiniso leZwi kubo, bayaqhela kuLo. Khona-ke bacele, "Wozani, hlalani nami," ngeke bakwenze lokho. Niyabo, kukhombisa ukuthi kukhona okungalungile. Yilokho okungikhathazayo. Futhi, manje, akusikho ngokungathi ngimelene nebandla lami. Ngi . . .

31 Uma ngithanda uKristu, kuzoba ngcono kakhulu kimi ukuqhosha ngeBandla laKhe kunokuba bengingaqhosha ngaYe. Ngoba bengingaqoka ukuba ubungaqhosa ngabantwana bami kunokuba ubungaqhosha ngami. Futhi, khumbulani, bengihlala ngicabanga, uma benginamaconsi amabili eGazi likaJesu langempela oqwembeni, bengingakubamba kanjani Lokho, ukuthi angiLichithanga. Bengingahamba ngiqaphele ngempela. Kodwa kulobubusuku nginokukhulu kunalokho, ebusweni baKhe, nginokuthengiwe kweGazi laKhe. Niyabo, Wachitha iGazi laKhe ngenxa yenu. Futhi ngilapha njengomfundisi kulobubusuku, ngibambile, noma nginikhombisa isiphetho senu saPhakade. Ngakho-ke angizukubhekisela kunoma yisiphi isivumokholo noma nanoma yimuphi umbhedesho; kuzofanele kube yiZwi, ngoba yileyonto ezohlala isikhathi eside. Ukukholwa kwami kwakhelwe eZwini, futhi uKristu uyiZwi. Futhi uma uKristu enziwa iZwi, khona-ke iZwi lenziwe labonakaliswa ngqo phakathi kwethu. Niyabo, kuzofanele kube njalo!

32 Manje, ngakho-ke, ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu weTestamente eLidala, konke lokho Ayeyikho, Wakuthululela kuJesu iNdodana yaKhe. Futhi konke lokho uJesu weTestamente eLisha ayeyikho, Wakuthululela eBandleni Alithenga ngeGazi laKhe uQobo. Niyabo? "Kuseyisikhashana izwe," *ikosmos* lapho, isimo sezwe, "lingabe lisaNgibona. Nokho niyoNgibona nina," *nina*, iBandla, "ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." Khona-ke ukuPhila, leso siVumelwano, lowoMoya owakhishwa kuKristu eKalvari, ubuyisiwe futhi wathululelwa phezu kwabantu, iNzalo ka-Abrahama, ukuthi uNkulunkulu wenza isithembiso kuyo. Khumbulani, kwakungesiyo eyezinzalo zonke zakhe, kodwa i "Nzalo."

33 Manje, kunemfundiso yokumiselwa ngaphambili ebolile, umbhedo. Kodwa kukhona ukumiselwa kwangaphambili okwangempela kweqiniso. UNkulunkulu, ngokwaziphambili, wayengamisela ngaphambili ngoba Unokwaziphambili. UNkulunkulu akathandi ukuthi noma ubani abhubhe, kodwa, lokhu enguNkulunkulu ongenasiphelo, wayazi ukuthi ngubani oyobhubha futhi ngubani ongeke abhubhe.

34 Yingalesosizathu Asho ngaphambi kuka-Isaka noma—noma . . . ngaphambi kukaJakobe noma u-Esawu azalwe, Wamzonda u-Esawu futhi wamthanda uJakobe. Ukwaziphambili kwaKhe kwaMazisa ukuthi u-Esawu wayengumkhohlisi, futhi WaMazisa ukuthi uJakobe wayelihlonipha lelolungelo lobuzibulo; kungakhathalekile ukuthi wayelithole kanjani, wayelifuna. Manje, bobabili abafana, amawele, bazalwa ngumama ongcwele ofanayo nobaba, kodwa oyedwa wayelimbuka futhi omunye waye—wayelikholwa. Manje uNkulunkulu, ngokwaziphambili kwaKhe, wayekwazi lokho.

35 Manje, uNkulunkulu, ngokwaziphambili, A—Akalihleli ibhizinisi laKhe njengo . . . Ubungeke ulenze ibhizinisi lakho ngaleyondlela, ecembeni elingabambelele ndawo kanjalo. UNkulunkulu wayazi, ngokwaziphambili, ukuthi ubani oyosindiswa, ngakho Wathumela uJesu ukubamba labo Ababona ngaphambili abayosindiswa. Funda abase-Efesu, isahluko 1, futhi nizokubona. Niyabo? Manje, lapho.

36 Khona-ke Uthumela phansi iVangeli laKhe futhi uyaLihlwanyela, uthumela phansi uMoya waKhe ukuLenza liphile. Manje, omabili azokhula ensimini efanayo, amaHeberu 6 asitshela lokho, "Ukuthi imvula ifika kaningi," uJesu wathi, "phezu komhlabathi," futhi niqaphelile phakathi lapho, "ukuwunisela, ukulungisa umhlabathi; kepha ameva amakhakhasi, aseduze nokwaliwa, ukuphela kwawo kungukushiswa." Niyakuthola na? Manje khumbulani.

37 Sizothatha insimu kakolo. Nina bantu nitshala ukolo lapha. Futhi nakhu ku—kufika isomiso. Nansi izintandela noma ukhula onalo lapha, ukhula oluthize olwaziwayo lukhula ensimini; izintandela ensimini, isitshalo esiphuma okusabisi uma sihlephukile imilkhiwidi esondweni . . . insimu, amakhakhasi ensimini. Futhi ukolo usensimini. Bobabili bomile. Futhi imvula ayizeli ukhula, kodwa izela ukolo, kodwa lolokhula oluncane luzoma mpo futhi luthokoze kakhulu nje njengoba ukolo uzokwenza.

38 Kepha ngezithelo zabo uyaziwa. UMoya ofanayo uwela phezu komzenzisi futhi uzomemeza futhi aqhubeke njengabo bonke, kodwa impilo yakhe yilokho okufakazela lokho ayikho. Niyabo? Futhi sithembele kakhulu emzweni. Futhi namhlanje insimu igcwele zonke izinhlobo zemizwa, lonke uhlobo lomuzwa

olungekho ngokombhalo nakho konke okunye. Impela. Kodwa sifanele sibuyele eZwini, iQiniso leZwi. IZwi, eLakushoyo!

39 Manje, uNkulunkulu etshela u-Abrahama ukuthi ngaye, isivumelwano sesithathu, futhi sona sivumelwano kuphela. UJesu kuphela wayenguqinisa kwesivumelwano Asenza no-Abrahama, iNzalo yasebukhosini, iNzalo kaMoya.

40 Futhi kinina bangani bami abayigugu abangamaKatolika, uma nithi, "Yethi, Mariya, nina kaNkulunkulu," aninamahloni na? UMariya angaba kanjani unina kaNkulunkulu na? Wayengeke abenguye. Wena uthi, awu . . .

41 Ngangikhuluma nomunye ngelinye ilanga, behlukile. Basho ukuthi u—uJesu wayeyi—yinzalo ka—kaMariya. Uma Wayeyinzalo kaMariya; ngaphambi kokuba inzalo yayingehla ngeshubhu, kwakuyobakhona umuzwa ukuyiletha. Khona-ke wenza uJehova . . . Uyabona ukuthi uMenza enzeni na?

42 UNkulunkulu, uMdali, wadala kokubili iqanda nengqamuzana leGazi, futhi laveza iTabernakele. Futhi umuntu wayengahlangene ngalutho naLo! KwakunguNkulunkulu yedwa! Kunjalo.

43 Wayengowesifazane olungile, impela. Kunabaningi abahle abahleli lapha kulobubusuku. Futhi lapho uNkulunkulu eseqedile ukusebenzisa noma yini, kuyasuka enkundleni. Futhi akasuye umlamuleli. Akasuye unina kaNkulunkulu. Ungomuhle, owesifazane ongcwele eNkazimulweni, ngoba wafeza injongo kaNkulunkulu. Futhi wonke owesifazane phakathi lapha unethuba elifanayo, mhlawumbe hhayi ngendlela efanayo, kepha ukukhonza uNkulunkulu. Niyabo? UNkulunkulu uzokusebenzisa.

44 Wamsebenzisa nje njengomshini wokuchamusela, kepha uMntwana ungokaNkulunkulu. Ya, WayenguMdali wakho kokubili iqanda nombala obomvu ezinhlayiyeni zegazi. Futhi umbala obomvu ezinhlayiyeni zegazi, kusobala, uvela ebulilini besilisa; futhi WayenguMdali walokho. Futhi uMariya waletha lengane ngaphandle kwanoma yimuphi umuzwa, kungengaphezu kokuba uMoya oNgcwele umsibekele futhi udala esizalweni sakhe lelingqamuzana leGazi neqanda okwazala uMuntu, uKristu Jesu.

45 Futhi leso kwakuyisivumelwano uNkulunkulu ayebhala ngaso, ukuthi ngenkathi uNkulunkulu enziwe umuntu phakathi kwethu, khona-ke Wadatshulwa wahlukaniswa phakathi. Niyabo, abathathu babo, iminyaka emithathu ubudala, khona-ke badatshulwa behlukaniswa phakathi. Futhi uNkulunkulu wathatha ingxenye eyodwa yaKhe waya eKhaya naYe, futhi wathumela enye ingxenye phansi lapha. Manje uma uMzimba uhlangana futhi, uzofanele ube ukuPhila okufanayo okubusa lowoMzimba uzofanele ube ukuPhila okufanayo okubusa lo Mzimba. Futhi WayeyiZwi. Futhi UyiZwi! Niyabo?

Futhi imisebenzi iZwi elayenza ngaleyonkathi lenza into efanayo namhlanje. UyiZwi, iZwi laPhakade. Futhi iZwi likaNkulunkulu liPhakade. Kulungile.

46 Manje Wayenzani na? Enza indlela, ekhombisa, ukwazi ukuthi u-Israyeli, inzalo yemvelo, yayizoMenqaba; kodwa azi ukuthi iNzalo yasebukhosini, hhayi ngodaba locansi noSara, kepha ekukholweni lokho u-Abrahama ayenakho, okwazala uKristu, leyo yiNzalo yasebukhosini yazo zonke izizwe, okuxutshiwe, uMlobokazi ephuma kuzo zonke izizwe. U-Abrahama, uyise wezizwe, hhayi ngoba wayene . . . wahlala nomkakhe, uSara, futhi wazala indodana, kodwa ngoba walikholwa iZwi. Amen. Yilokho-ke.

47 Manje siyathola, emva kwalokhu, lesisehlakalo esikhulu. Manje siza ngapha esahlukweni se 17. Sizozama ukuthola elama 22, uma kungenzeka. Isahluko se 17. Niyaluthanda uhambo no-Abrahama na? Ngiyathanda nje ukukubuka. Ngoba ngani na? Konke akwenzayo kwakuwuhlobo oluphelele lweBandla. Niyakukholwa lokho na? Qaphelani, yonke imiBhalo iyakufanekisa.

48 Bukani uJoweli, wathi, "Kuyakuthi ngezinsuku zokugcina, ukuthi uNkulunkulu uyakuthulula uMoya waKhe." Kanjani ukuthi kuyofika inkumbi futhi idle ibandla laKhe! "Okushiywe yisibotho, inkumbi; nenkumbi, inkasa." Futhi isilwanyakazana esifanayo, isinambuzane esifanayo ngezigaba ezine ezihlukene. Ngasinye sidla ingxenye. Nakhu kufika inkasa endala noma inkumbi futhi idla ixolo, esinye sidle isithelo, bese—bese-ke kuza ezinye ezimunca ukuphila kwaso. Yilapho-ke . . .

49 UKristu, lowoMuthi owawusensimini yase-Edene! Kwakukhona imithi emibili ensimini yase-Edene. Lemithi emibili yayibekwe lapho ngenhloso yokuzala. Futhi ngenkathi . . . u-Eva, wayengumuthi wokufa uma wayethintiwe. Futhi uKristu wayenguMuthi wokuPhila. Manje ngowesifazane kuza ukufa; ngeNdoda kuza ukuPhila.

50 Manje ngenkathi Emi lapha ekhuluma kumaJuda, Wathi, "Ngi . . . owakho . . . "

51 Bathi, "Obaba bethu badla imana ehlane iminyaka engamashumi amane."

52 Wathi, "Futhi bona, bonke, bafile! Kepha Ngiyisinkwa sokuPhila, uMuthi wokuPhila, ovela kuNkulunkulu uphuma eZulwini, ukuthi umuntu odla lesiSinkwa futhi akasoze afa."

53 UNkulunkulu wabeka amaSerafi lapho, aqapha lowoMuthi, ukuthi akekho ongaWuthinta. Manje UnamaSerafi ngaphandle, ezama ukuwafaka eMthini. Ngalezo usuku, babona umbono, ababewufuna eMthini, ukuba babuyele ngaphandle kokubuyisana. Kodwa manje emuva kokuba ukubuyisana kwase kwenziwe, udeveli usabaphuphuthekisa, ebaphendulela ngakulendlela basuke eMthini. Qaphelani.

54 Ngenkathi uKristu efike emhlabeni, WayenguMuthi kaNkulunkulu ophelele. UDavide waMbona kumaHubo 1, wathi, "Umuthi otshalwe ngasemfuleni, imifula yamanzi." Imifula eminingi, aManzi awodwa; iziphiwo eziningi, uMoya ofanayo. "Amahlamvu akhe ngeke abune."

55 Kodwa ngenkathi Efika emhlabeni, kwenzekani na? Amandla amaRoma agawula lowomuthi awuwisa futhi aMlengisa emthini owenziwe ngumuntu. Khona-ke uNkulunkulu wavusa lowoMuthi futhi waWubeka ngakwesokunene, futhi wathumela uMoya emuva ukwenza uMlobokazi waKhe, njengo-Adamu wayefanele ngabe unaye ensimini yase-Edene. Futhi ngenkathi lowomuthi uqala, kwakungumuthi wephentekoste.

56 Sizwa uphapha ethi, "Onke amabandla, buyelani ebandleni elingumama, ekuqaleni. Buyelani eRoma!"

57 Ngifuna usomlando oyedwa, umfundisi oyedwa, noma omunye umuntu asukume, angibuke ebusweni futhi angikhombise ukuthi ibandla laqala eRoma. Ibandla liqala eJerusalema ngoSuku lwePhentekoste! Yilapho-ke. Inhlangano yaqala eRoma, eminyakeni engamakhulu amathathu nento ethile kamuva. Kodwa iBandla liqala ePhentekoste; uNkulunkulu evusa umuthi woMlobokazi kaKristu, ngoMoya ofanayo owawukuKristu, evusa umuthi woMlobokazi. Futhi kwenzenkani na? Lapho wawuzoqala ukububula, ukukhula, isilwanyakazana saseRoma safika kuwo futhi saqala ukuwuphula. Okushiywe yisibotho, inkasa iyakudla, kuze kuhambe kuyothi ngqu esiqwini.

58 Kodwa uNkulunkulu wathi, "Ngiyakubuyisela, kusho iNkosi." Lowomuthi uzophuma futhi, ngokuba uMuthi woMlobokazi ulandela uMlobokazi.

Phezulu kuqhamuka uLuther, Wenzani na? Ulandela ukulungisiswa.

59 Yileyondlela impela ibandla elingena ngayo, uJohane eshumayela ukulungisiswa. Phakathi kufika uKristu, eshumayela ukungcweliswa. AmaHeberu. . .ngiqonde uJohane oNgcwele 17:17, "Bangcwelise ngeQiniso, Baba. IZwi laKho liyiQiniso." Futhi WayeyiZwi. Kunjalo. WayenguMhlatshelo. Khona-ke, ngoSuku lwePhentekoste, noMoya oNgcwele. Ukulungisiswa; ukungcweliswa; futhi ngenkathi umuthi wemukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, kwakungumuthi woMlobokazi ogcwele!

60 AmaRoma awudla waze waphansi. Kwathi nje ungashona phansi, uyenyuka! Futhi njengoba uqala ukwenyuka ngoLuther, ini? Ngemuva kokufa kukaLuther, bakuhlela. Wenzani uMyeni na? Wathena imivini efile emidala yasuka.

61 Wasuka wahamba, waqhubeka, inhliziyo yomuthi ikhula. Ngumuthi omiselwe ngaphambili! LeyoMbewu ilele lapho,

izofanele ifike! Futhi iyenyuka futhi, futhi uWesley waqala. Futhi baba nemvuselelo enkulu ngaphansi kokungcweliswa. Kwenzenkani na? Waphinda wawuthena futhi, lapho bahlela. Ayikaze neze inhlangano ivuke. Ayikaze neyodwa eyake yawa eyake yabuya futhi.

62 Kwase-ke kufika amaPentecostal, nokubuyiselwa kweziphiwo. Kwenzani na? Kwahlelwa! Wenzani uNkulunkulu na? Wawuthena wakususa!

63 Kodwa Wathini na? "Ngiyakubuyisela, isho iNkosi." Uzokhipha lesosibumbatha, iBandla eligezwe ngeGazi, elithengwe ngeBhayibheli, neZwi eliqinile, uMlobokazi! IziNkanyiso zakusihlwa ziyaphuma. Sivuthwa kuphi isithelo na? Phezulu esiqongweni somuthi. Nakhu ngihamba futhi!

64 Ngibuyela ku-Abrahama, emuva, asiye ku-Abrahama. Nangu Eza, iNzalo yasebukhosini yesikhathi sakusihlwa ingena. Izizwe. . . Qaphelani manje emva kwesahluko se 17, siyathola lapha esahlukweni se 17, uNkulunkulu wabonakala ku-Abrahama ngeGama likaNkulunkulu uSomandla.

65 U-Abrahama wayeneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye ubudala, futhi sonke lesisikhathi wayengakaze ayeke ukucindezela, kodwa walikholwa iZwi likaNkulunkulu; futhi wabiza izinto ezazingekho ngokungathi zazikhona, ngoba uNkulunkulu washo njalo, esakholwa ukuthi ingane izofika, ebambelele esithembisweni. Indoda enjena pho! Umfowethu onjena pho! "U-Abrahama, yena kungekhothemba. . ." Isizalo sikaSara sasifile. Wayengazali. Umzimba wakhe ufile. IBhayibheli lasho ukuthi wawunjalo, ukuthi umzimba wakhe wawusufana nofile. Futhi isizalo sikaSara sasifile. Futhi manje wayesecishe impela asondele eminyakeni engamashumi amane anqamuka ukuya esikhathini, futhi noma kunjalo u-Abrahama wayesakukholwa, ukuthi wayezoba nengane ngoba uNkulunkulu washo njalo. Nakho lapho okhona. Ebambelele eZwini ngoba uNkulunkulu washo njalo! Kungakhathaleki ukuthi yini, izivumokholo ezaziLimbozile, futhi, namanje leloZwi lalilele lapho! Kwakufanele lifike. Futhi leloZwi lilele enhliziyweni ka-Abrahama!

66 Akukhathaleki ukuthi bangaki othi, "Izinsuku za*lokhu* seluphelile, na*lokho* lapho." Inqobo nje uma leloZwi lilele lapho, lizodala, ngoba yiZwi elimililile. Ngokuba, uNkulunkulu uyiZwi, futhi ukuPhila kukaNkulunkulu kuseZwini. Qaphelani manje ngenkathi leloZwi liwela ekuPhileni kukaNkulunkulu, okuthize kuyenzeka, kuyafezeka. Manje qaphelani.

67 Khona-ke Wabonakala kuye eGameni likaNkulunkulu uSomandla. Manje, uNkulunkulu unamagama ayisikhombisa ayinhlanganisela okuhlenga. Futhi Wabonakala kuye lapha esimweni sikaNkulunkulu uSomandla, okusho ukuthi "El

Shaddai." E . . . "Shaddai," ngesiHeberu. *El* kusho "onamandla." *Shad* kusho "ibele," njengebele lowesifazane. Futhi manje esikhundleni sokuba ngu "shad," ubunye; "Shaddai," ubuningi. Manje induduzo emnandi kangaka pho ekhehleni, elineminyaka eyikhulu ubudala, libambe iZwi likaNkulunkulu enhliziyweni yalo, futhi lapha iPhimbo likaNkulunkulu liza kulo lathi, "Ngingu-El Shaddai. NginguNkulunkulu onamaBele."

68 O, induduzo enje pho esinayo! Manje, hhayi, khumbulani, hhayi nje "ibele," kodwa "onamabele"! "Walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu; ngemivimbo yaKhe siphilisiwe."

69 Manje, wenzani umama, nengane yakhe encane, uma igula futhi itetema na? Uyamqukula umfo omncane. Umphakamisela ebeleni lakhe, futhi yena . . . uncela amandla okuqina kamama angene emzimbeni wakhe uqobo ngebele. Futhi hhayi ukuthi kuphela uyasutha noma u . . . Uyathula. Udazuluka ngalo lonke iphimbo lakhe, uphazamisekile wonke; kodwa lapho umama emphakamisa futhi embeka . . . ambeke ebeleni lakhe, futhi uqala ukuvungazela kuye, emthunduzela emuva naphambili, uyamuzwa unina, ikhanda lakhe lisesifubeni sakhe, bese eqala ukuncela nokudonsa amandla okuqina kunina, angene emzimbeni wakhe. Uyazibuyisela esimweni sobusha, akha amandla okuqina; kanti futhi ezenelisa, ngenkathi usuku nosuku uyakhula ngokuqina nokuqina.

70 Isipiliyoni esinjena pho eNzalweni ka-Abrahama! Usenguye uNkulunkulu uSomandla, u-El Shaddai! Singabamba noma yisiphi isithembiso Asenza eBhayibhelini. INzalo yaKhe, abantwana baKhe, uma ugula, bambelela nje ebeleni lesithembiso seZwi elathi, "Ngemivimbo yaKhe siphilisiwe." Kuyanelisa! Futhi siyasondela njalonjalo, amandla ethu okuqina, avela Konamandla, u-El, Onamandla, OPhakade, esondeza ukuPhila kwaKhe kuYe, ngesithembiso saKhe.

71 Umuzwa onje pho okuwunikeza umuntu olele esifubeni sika-El Shaddai, ekholwa, sazi ukuthi sincela amandla kaKristu, esithembisweni saKhe, kithi!

72 Ngenkathi u-El Shaddai encikise u-Abrahama esifubeni saKhe, iminyaka engamashumi amabili nanhlanu ngaphambili; ikhehla, lineminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu, nomkalo enamashumi ayisithupha nanhlanu; akazange nhlobo alishiye leloBele. Wahamba waqhubeka ngqo wadabula ezweni labezizwe, phakathi kwabantu bezizwe ababengamazi uNkulunkulu, kodwa njalonjalo wanikeza ubufakaza futhi wayeqinile ekukholweni, enikeza udumo kuNkulunkulu, ngoba wayazi ukuthi wayedonsa kulesosithembiso.

73 Ithemba elinje pho ebandleni kulobubusuku, ehoreni lobumnyama, inkoleloze, umuzwa, ubuhlakani. UMoya oNgcwele wathi, "Ezinsukwini zokugcina kuzofika ibandla elinobuhlakani. UMoya ukhuluma ngokucacile,"

uThimothewu wokuQala 3, "ukuthi ngezikhathini zokugcina abanye bayakuhlubuka ekuKholweni, benaka omoya abadukisayo, nezimfundiso zodeveli," impela, "benesimo sokumesaba uNkulunkulu." Babenzani na? "Abanamawala, abakhukhumele." UDokotela Ph.D., LL.D., QST, zonke leziziqu. "Kungani, uDokotela *S'bani-bani*, isikhathi *esiwukuthi-nokuthi*, umelusi wethu."

74 Ngingaqoka ukuthi indoda ethile ibe semndenini wami, noma umntwana wami, obengawazi umehluko phakathi kukabhontshisi oqhezuliwe nekhofi, futhi azi uKristu! Kunjalo. Mthathe umyise ngaleya endaweni ethile ngasesiqwini esidala futhi aguqe ngamadolo futhi ukhuleke naye uze uMoya oNgcwele ungene kuye. Ngingaqoka ukuba nakho lokho kunayo yonke isayensi ephathelene nokusebenza kwengqondo ongayithululela kuye ngeziqu zikadokotela. Mtshele iZwi likaNkulunkulu! Yebo.

75 "Kodwa abanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu, abangenakuthuliswa, abahlebi, abangazithibi, abazonda abalungileyo."

76 O, wena uthi, "Lobo ubuKhomanisi." Qhabo, qhabo! Lokho kubizwa ngamaKristu.

77 "Benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha aMandla bewaphika, labo-ke wobagwema. Ngokuba kulabo ongena indlu ngendlu, behola abesifazane abasindwa yizono, beqhutshwa yizinkanuko eziyizinhlobonhlobo, bengeke bakwazi ukufika ekulazini iqiniso." Kunjalo. Yilokho okuyikho. Futhi sibona lolosuku.

78 Futhi induduzo enje pho yekholwa, ukuzehlukanisa kukho konke ukungakholwa, zonke izivumokholo zabo zokungamesabi uNkulunkulu, zonke izimfundiso zabo zokungamesabi uNkulunkulu, futhi ukubuka ngqo kuKristu futhi ukuthatha iZwi, futhi ukubambelele kuleloZwi uze uLibone libonakaliswa. Akunandaba ukuthi ufanele ulinde isikhathi esingakanani, hlala lapho! UNkulunkulu wakuthembisa. Wakuholela kulo, bambelela kulo! Hlala lapho. Ungakubuyiseli emuva. Hlala lapho ngqo. Uma uqinisekile ngalo, uzohlala lapho. Kodwa uma untengantenga, uzoziqaqa kunoma yini encane. Inkawu ihlwitha izinto ezicwebezelayo, kodwa ibhere libamba ukubamba kwalo. Ngakho, qhubeka uhlale! Yebo, bambelela, ukubamba ngqi okuhle!

79 U-El Shaddai! Wathi, "Ngingu-El Shaddai. Abrahama, Ngingonamandla. Uyikhehla. Usuneminyaka eyikhulu ubudala manje, amandla akho okuqina onke asephelile; kodwa ngingaMandla akho okuqina! Ithemba lakho lonke seliphelile; kodwa NgiyiThemba lakho!"

80 O, wena ohluphekile, kulobubusuku, phandle lapha onomdlavuza nezinto, angeke ubone ukuthi avelaphi

aMandla akho okuqina na? Awaveli emmeseni kadokotela ohlinzayo, kodwa eZwini likaNkulunkulu! "NgiyiSabelo sakho! NgingaMandla akho okuqina! Wena donsa amandla akho okuqina kiMi!"

81 Kungesikho ukudelela udokotela ohlinzayo manje; wenza ingxenye yakhe lokho kukuye. Kodwa uNkulunkulu unguMphilisi. Akekho udokotela ohlinzayo, akekho udokotela, akukho muthi oke uphilise. Qhabo, mnumzane, abanawo nowodwa umuthi oyophilisa. Manje, noma yimuphi udokotela uzokutshela lokho. Banezinsiza, kodwa uNkulunkulu unguMphilisi. Bangahle bakusike inkebenkebe esandleni sakho, kodwa uNkulunkulu uzofanele ayiphilise. Abanalutho lokwakha isicubu; uma bengakwazi, bebengamakha umuntu. Ngakho niyabo, uNkulunkulu unguMphilisi. Ungalihlela ithambo, kodwa uNkulunkulu uzofanele aliphilise. UNkulunkulu unguMphilisi, "NgiyiNkosi ephilisa zonke izifo zakho." Futhi angeke wenze iZwi likaNkulunkulu liqambe amanga; Lizobuyela emuva ngqo eqinisweni ngaso sonke isikhathi, khona emuva nje ngqo. Angeke uLenze liqambe amanga.

82 Manje bathi iBhayibheli Liyaziphikisa. Ngibuzile, futhi ngatshela amadoda ngizowanika umholo wonyaka ensimini, uma bengingakwazi, konke engingakwenza, ukuba ungikhombise izwi elilodwa eBhayibhelini eliphikisana nelinye. Kunjalo. Akukho lapho. Kungenxa yokuthi ingqondo yakho yenyama ikubuka ngendlela eyenza ngayo. UMoya oNgcwele unguMhumushi waleloZwi. LeloZwi liyiqiniso, libekwe ndawonye. Kulapho konke njengomdlalo oyindidane wokubuyiselela endaweni yazo zonke izicucu zamapulangwe ezisahwe zagwegwesa, kodwa kuthatha uMoya oNgcwele ukuLibeka ndawonye, ukuLenza isithombe sokuhlenga kukaNkulunkulu nezibusiso zaKhe kubantu baKhe. Amen. Aliziphikisi lona uQobo! Awukho nowodwa umBhalo, hhayi ngisho elilodwa ivesi laLo, eliphikisana nelinye. Uma kunjalo, akulifanele iphepha okulotshwe kulo, kuyakhohlisa. UNkulunkulu akakhohlisi. UNkulunkulu uqinisile, ulungile, ungcwele, uqotho. UnguNkulunkulu.

83 Manje, ngenkathi u-Abrahama ethola leligama, elithi "Ngingu-El Shaddai. Nginguye uMniki-Mandla okuqina wakho! Umkakho, isibeletho sakhe sesivele somile, usedlule ngeminyaka engamashumi amane ukuya esikhathini, umzimba wakho usufana nofile; kepha Ngingu-El Shaddai." Wavele nje wazala u-Ishmayeli, niyazi; kodwa Wathi, "Loyo akusuyena. Qhabo, uzoba yindoda enkulu. Uzozala amakhosana amaningi kakhulu. Kodwa engenze ngaye isithembiso, uphakathi kwakho noSara." Yilokho-ke! Amen. U-Abrahama wazizwa ekahle ngempela.

84 Wathi, "Manje ngifuna ukukutshela okuthize, Abrahama. Ngizolishintsha igama lakho." Wathi, "Angeke usabizwa ngokuthi u-Abrama, kodwa u-Abrahama." *Abrama* kusho "ubaba ophakeme—phakeme." Kodwa u-*Abrahama* kusho "ubaba wezizwe." Futhi uS-a-r-a-y-i akasekho; nguS-a-r-a, u*Sara*, "inkosazana." Washintsha igama labo! Yeka i—igama elishintshiwe! Okuthile kwenzekile ngoba ba. . . Niyabo, kuzofanele kube noshintsho ngaphambi kokuba izinto zenzeka. Wayengeke abanike umntwana uma nje igama labo lahlala liyilokho.

85 Futhi angeke uzalwe kabusha uma nje igama lakho lihlala lingekho eNcwadini yaseZulwini. Ungahle ulibeke kuwo onke amabandla, iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, uliphatha usuka endaweni uye endaweni, uqophisana nabo bonke; kodwa lizofanele lifakwe eNcwadini yaseZulwini ngaphambi kokuba noma yini yenzeka, futhi ukudalwa okusha kufike. Ngaphambi kokuba impilo entsha ingafika, amagama abo kwadingeka ashintshwe. Ungahle udingeke ulishintshe elakho, futhi, lisuke kulezi ezinye izincwadi ezenziwe ngumuntu, liye eziNcwadini zaseZulwini.

86 "Futhi lapho, igama lakho alisesuye u-*Abrama*, u 'baba ophakeme'; kodwa ngu-*Abrahama*, 'uyise wezizwe.' Akasekho (uSara), u*Sarayi*, kodwa uSara, 'inkosazana.'"

87 O, lapha siyeza manje ngaleya manje esahlukweni se 18. Ukusuka kwele 17, asiqonde ngqo kwele 18, ngoba nje. . . Angifuni ukuqhela kakhulu kukho kulobubusuku, ukunigcina lapha, ngoba ngifuna nibuye kusasa ebusuku. Manje qaphelani. Futhi sizothola, ngokukhulu ukushesha nje esingakwenza, kwelama 22. Bhekisisani manje. Uma kufika ngolunye usuku cishe, mhlawumbe, sithi, ezimbili noma izinsuku ezintathu emva kwalokho, u-Abrahama noSara, amathende abo lamiswa.

88 Ezansi le emzini ezansi lapho, ngiyacabanga uNkk. Loti wayegqoke zonke izingubo zesitayela ezintsha ababenazo ezansi lapho. Futhi wayenza konke ukulungiswa kwezinwele nakho konke ababenakho. Wayephila ntofontofo nje, futhi wayenawo onke amadodakazi akhe ngendlela efanayo. Indlela efanayo nje umama omdala oyisifebe enza ngayo namuhla, futhi wenze onke amadodakazi akhe enza into efanayo.

89 Manje, kodwa uSara, nokho owesifazane omuhle kunabo bonke ezweni, ehlala ezweni eliyinyumba, ngoba wayebambelele kuye owayenesithembiso. Manje kungcono ngikushiye khona lapha, ngoba ngizohamba, ngizoba. . . ngizonigcina lapha kuze kube phakathi kwamabili. Wabambelela ku-Abrahama. Kunjalo. Wayenesithembiso.

90 Bambelela kuKristu, NguYe onesithembiso! UyisiThembiso. UyisiThembiso! Qaphelani.

91 Ngeliny'ilanga ilanga liyaphuma lishisa impela ngokunye ukusa, u-Abrahama wayehlezi phandle emthunzini wethende lakhe lapho ngasem-okini. Futhi wabuka ezansi, kufanele ukuthi kwakungezikhathi zehora leshumi nanye, futhi wabona indoda amathathu eza, ekhuphuka, uthuli ezingutsheni zawo. Futhi u-Abrahama wagijima waphuma. Kwakukhona okuthile enhliziyweni yakhe okwamenza wazizwa ekahle ngempela, futhi wagijima waphuma futhi wawela phansi ezinyaweni zawo. Futhi bhekisisa, wathi, "Nkosi yami!" Akumangalisi na? Amathathu bawo; kodwa "Nkosi yami"!

92 Bukani uLoti. Ngenkathi amabili awo ehlela lapho, amabili nje kuphela, wathi, "Makhosi ami." ULoti wawabiza nga "makhosi." U-Abrahama...uLoti wawabiza, amabili, "amakhosi."

93 Futhi u-Abrahama wawabiza, omathathu, "Nkosi! Nkosi yami!" Amen! O, isikhathi sesisondele! Qaphelani, wathi, "Nkosi yami, uma ngifumene umusa ebusweni baKho, woza ngapha, uhlale ngaphansi kom-oki. Ake ngilethe amanzi amancane, futhi ngigeze izinyawo zaKho, futhi ngithathe ucezu lwesinkwa. Ngoba lesi yisona sizathu kuphela Ozofanele usizele ngapha, ukubona mina." Bahamba ngaleya.

94 Waphuma futhi wahamba wadabula ngemuva kwethende, futhi wathi, "Sara, xova impuphu ngokushesha impela, bese wenza amaqebelengwana eziko." Waphuma futhi wathola ithole elincane, futhi walibulala futhi walihlinza, futhi wenza amaqhatha, futhi waletha ibhotela nobisi, futhi—futhi wakubeka phansi phambi kwendoda, futhi badla.

95 Futhi Enye wawo kwakunguNkulunkulu qobo lwaKhe! Yilokho iBhayibheli elakusho. Manje uma ufuna ukuphikisana naLo, qhubeka. WaMbiza ngo "Elohim, uNkulunkulu." Wayefanele azi; wayekhuluma naYe. Qaphelani, "Nkosi Nkulunkulu!" Manje, Enye yawo kwakunguNkulunkulu. Futhi waMbuka. U-Abrahama waqonda. Manje bukani lapho.

96 Umfundisi washo kimi ngesinye isikhathi, wathi, "Mfowethu Branham, awuqondile ukungitshela ukuthi uyakukholwa lokho, ukuthi leyoNdoda kwakunguNkulunkulu na?"

97 Ngathi, "U-Abrahama wathi Yayinguye. Bonke abahumushi balihumusha ngendlela efanayo, uhlamvu olukhulu u N-k-o-s-i. Futhi noma ngubani ofunda iBhayibheli uyazi ukuthi uhlamvu olukhulu u N-k-o-s-i ngu-Elohim. Uphuma egameni elifanayo, Elohim! 'Ekuqaleni, ekuqaleni, uNkulunkulu wadala,' u-Elohim, uSomandla, Okhona ngesingaye, 'wadala amaZulu nomhlaba.' NaNguya futhi, emi phambi kwakhe ngqo."

Wathi, "Awu, uyazi," wathi, "lowo—lowo kwakungumuntu nje."

98 Ngathi, "Impela, Udla inyama, Uyadla, uphuza ubisi, futhi U—futhi U—futhi Udla isinkwa." Ngathi, "Impela, WayenguNkulunkulu."

Wathi, "Kungenzeka kanjani lokho na?"

Ngathi, "Mnumzane, wena—wena . . . "

99 Ngi—ngiyethemba ukuthi abanilimazi imizwa yenu; babenguFakazi bakaJehova. Futhi wathi kimi, wathi, "Awu, Mnu. Branham, buka lapha, ngifuna ukukutshela okuthile. UNkulunkulu ubengeke akwenze lokho."

100 Ngathi, "Awumazi nje uNkulunkulu wami. Yilokho kuphela." Ngathi, "Wenziwe ngani umzimba womuntu na? IPetrolyamu, ipotashi, nokukhanya komhlaba nezulu, izakhimzimba eziyishumi nesithupha. Into kuphela uNkulunkulu okwakufanele ayenze ukwehla futhi ahlole iSodoma, Wathi . . . wavele wafinyelela ngaleya futhi Wazitholela okungagcwala isandla okokukhanya komhlaba nezulu nepetrolyamu, futhi 'Whewu!' Wathi, 'Woza lapha, Gabriyeli, ngena lapha.' Kunjalo. Wafinyelela futhi wathola okunye okungacwala isandla kothuli, 'Woza lapha, Mikhayeli, ngena lapha.' Futhi waZenzela owodwa." Wayezofanele amele okuthile Ayezoba kukho ngezinsuku zokugcina, ngakho-ke Uyehla ngqo futhi ukhuluma enyameni yomuntu. Kunjalo impela. O, ngijabula kakhulu ukuthi Uyilolohlobo!

101 Ngelinye ilanga kungahle kungabikho ngisho okungisalele. Ngenziwe ngezakhimzimba eziyishumi nesithupha, nami. Ngangikama lezo ezimbili noma izinwele ezintathu engisele nazo, ngelinye ilanga. Umkami wangibuka, futhi wayesethi, "Billy, usunempandla."

Ngathi, "S'thandwa, angilahlekelwanga nangolulodwa lwazo."

Wathi, "Wawuvamise ukuba nezinwele ezisongekile."

Ngathi, "Ya, kodwa angilahlekelwanga nangolulodwa lwazo."

Wathi, "Ngiyacela ngitshele zikuphi."

102 Ngathi, "Manje-ke, s'thandwa, awungitshele ukuthi zivelaphi ngaphambi kokuba ngizithole. Futhi noma ngabe zazikuphi ngaphambi kokuba ngizithole, zilapho zingilindile ukuba ngize kuzo."

103 Amen! Udumo! IBhayibheli lathi, "Akukho nolulodwa unwele lwekhanda lakho oluyoshabalala!" Haleluya! Kunjalo impela. Lwalungekho, nokho lukhona; futhi nokho alukho, khona-ke lukhona. Impela. Kunjalo! IPetroliyamu, ukukhanya kwezulu nomhlaba, ikhalsiyamu, ipotashi, kanjalonjalo. UNkulunkulu . . . Lapho ngingelutho, akukho lutho ongalubona, imilotha nje, Uzokhuluma, haleluya, ephosa leyopotashi nepetroliyamu ndawonye, futhi ngiyophila futhi eBukhoneni

baKhe. Haleluya! Usinika ukuPhila okuPhakade. Amen. "Konke uBaba aNginike khona, akukho okulahlekile, futhi ngiyomvusa futhi ngezinsuku zokugcina." Ngiyakukholwa! NjengeNzalo ka-Abrahama, ngibheke lolosuku! Ngifuna uMuzi OMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu. Amen. Impela. Akunandaba ukuthi lona uba nemibimbi futhi uyaqhubeka, nezinwele ziyawa, akunandaba ukuthi kwenzekani, uNkulunkulu uzozivusa futhi, ebuhleni bobusha futhi, ngalolosuku lokugcina. Wethembisa ukuthi Uyokwenza, futhi ngibheke lowoMuzi! Amen. O, he! Ngizizwa nginokukholwa kakhulu njengamanje, ngazi, nalelothemba elibusisiwe elingilindile Lapho. Ngibheke lowoMuzi. Inhliziyo yami ishaya ibheke kuWo. O, akukho neyodwa indlela ebengingaphenduka ngayo, kodwa ngibuka ngqo ngakuleyoNdawo. Nkulunkulu, ngisize ngihlale lapho ngqo, ngeqiniso nangokwethembeka, ngiphonsela ngaphandle intambo yokuphila, yonke indawo, futhi ngiletha wonke umhambi okhathele engingakwazi, ukuhambisana naye.

104 Yebo, ngaba nombono wayo kungekudala, futhi ngiyibonile, futhi ngibone abathandekayo bami lapho, bebuyela ebusheni futhi. Kulapho. Kulapho. Ngiyazi kulapho! Yebo, mnumzane! Manje, mhlawumpe nikufundile kwi *Voice* yeChristian Business Men, namaningi amaphephabhuku nezinto okwakukuqukethe. Bangani, lokho kwakungesiwo umbono. Ngiyibonile imibono, ngiyazi, bekufanele ngazi ukuthi banani, ngamashumi ezinkulungwane Anginikeze yona. Kepha lokhu kwakungewona umbono. Ngangilapho, ngimi lapho ngqo, ngibuka emuva. Futhi ngiyazi kulapho. Kulapho, bangani, kulapho! Ngiyazi kulapho! Yebo mnumzane! Ngokwangempela nje njengoba ngimi lapha, ngakho-ke ngisizeni, uma nginengqondo yami ikahle futhi ngimi lapha kulelipulpiti, kulapho! UNkulunkulu wenza isithembiso saKhe, futhi siyiqiniso, siyiqiniso kakhulu! Yebo, mnumzane. Kulapho. Qaphelani.

105 Manje siyathola, lawa indoda ahlala phansi futhi ayadla. Futhi amabili awo asukuma futhi ehlela eSodoma. Eyodwa yasala no-Abrahama. Ake sibuke ingxoxo yabo. Babelokhu bebuka ngaseSodoma. Futhi u-Abrahama wayazi ukuthi kwakukhona okuthile okuncane okungajwayelekile ngalokho. Ngakho-ke Washo, ngenkathi Elungiselela ukuhamba, Wathi, "Ucabanga ukuthi ngingamfihlela u-Abrahama; lokhu ezoba nguyise wezizwe, ngiyazi ukuthi uzobakhulisa kanjani abantwana bakhe, kanjalonjalo; into engizoyenza na?" Wathi, "Izono zaseSodoma sezibe zimbi kakhulu zaze zangena ezindlebeni zaKhe." Uyehla ukuzohlola.

106 Manje khumbulani, njengoba ngasho ngobunye ubusuku, ezimbili zalezozithunywa zehlela eSodoma, futhi zashumayela kulabo baseSodoma; futhi zabaphuphuthekisa ngalobobusuku, eZwini. Kodwa, khumbulani, kwakukhona Esisodwa; bona, babenesibonakaliso sabo, isiHambi phakathi kwabo.

107 Bukani uLoti. ULoti ehlezi esangweni, futhi wathi, "Makhosi ami." Futhi ephila ngendlela enjalo! Bathi, "Ngenani endlini yami." Yathi, "Sizolala emgwaqweni." Ikhaya elinje pho!

108 Kodwa masinyane u-Abrahama; zathi, "Lena yinhloso esiyizele. Siyahlala lapha eceleni kwakho."

109 Yileyondlela. Phila kanjalo, ukuthi uma uNkulunkulu efuna ukukusebenzisa, Uyazi ngqo lapho ezokuthola khona. Usendaweni, uphila impilo ehlanzekile phambi kukaNkulunkulu, amazwi akho athembekile, impilo yakho iyiqiniso. Yilolohlobo lwendawo iziNgelosi eziza kuyo. Buka u—u-Elizabethe noZakariya, niyabo, ubuqotho obulungile, behamba ngayo yonke imiYalo yeNkosi. Yileyondlela esifuna ukuphila ngayo, ngakho-ke lapho uNkulunkulu eselungela ukusisebenzisa, Uthi, "Lona ngabantu baMi. Ngingenza engikufunayo ngalelibandla. Bayangikholwa. Bami eZwini laMi." Niyabo, yileyondlela ofuna ukuyenza, phila impilo.

110 Manje siyathola ukuthi le Ngelosi, Yathi, "Angizukumfihlela u-Abrahama. Kodwa ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila." Futhi, qaphelani, Akambizanga ngo-*Abrama*, Wambiza ngo "Abrahama." Wazi kanjani ukuthi lelogama lalishintshiwe na? Nguye Owalishintsha. Impela. Qaphelani, akazange ambize ngo*Sarayi*, niyazi, S-a-r-a-y-i. S-a-r-a, "Uphi umkakho, uSara na?" Wayazi kanjani ukuthi wayeganiwe na? Wayazi kanjani ukuthi wayenenkosikazi, nokuthi igama layo kwakunguSara na?

Futhi u-Abrahama wathi, "Usethendeni emva kwaKho." Inenekazi langempela!

111 Namhlanje, abesifazane ukhuluma kakhulu! Njalo... Umyeni wabo angeke ngisho akhulume. Bazofanele banamathele khona phandle lapho, usikilidi esandleni sabo, egqoke ipheya lezikhindi, enza konke ukukhuluma. Uhlanga lwabantu oluphendukezelwe kanje pho, ufanele abe ngumpheki omkhulu nomwashi wamabhodlela, konke okunye! Uma esuka ekhishini, ushiya indawo yakhe yomsebenzi, kunjalo, njengomama.

112 Manje siyathola, abesifazane khona-ke babehlala emuva futhi bezihloniphe, baziphathisa okwamanenekazi, inhloko yabo yiyo eyayithatha izinqumo nezinto.

113 Futhi uzama ukuvumela indoda ethile itshele umkayo; uthi, "Ngizokunika ukuba uqonde njengamanje!" Whuush! Whuush! Ephephetha leyontuthu iphume emlonyeni wakhe, kubukeka kanjalo, ukubuka okwesabekayo kanjani. Angikaze ngikubone okunje! Futhi ungabona phandle lapho, futhi ume lapho ubuke lowomuntu, uhlukanise lowomoya phakathi lapho, nalezozinto; futhi mhlawumbe ucula ekhwayeni ebandleni elithile. O, usuku olunje esiphila kulo! Akumangalisi ukuthi sikulolosuku! Ngi—ngiyathemba ningakubamba emigqeni engikuqondile.

114 Qaphelani, kwakulapho. USara wayesethendeni, wahlala phakathi lapho futhi wazihlonipha. U-Abrahama wayenza ukubungaza leziziNgelosi. Manje, futhi Yathi, "Ngizokuvakashela."

115 Futhi uSara wayelalele. Futhi wahlekela emkhonweni wakhe, wathi, "Mina, isalukazi, njengoba sengimdala kanjena, futhi lapho nenkosi yami nayo isindala, futhi uthi sizoba nenjabulo futhi njengendoda nomfazi na?" Futhi wahleka.

116 Futhi iNgelosi, nomhlane waYo ufulathele, yathi, "Uhlekelani uSara na?"

117 Khumbulani, leso kwakuyisibonakaliso sokugcina ukuthi iNzalo ka. . .noma u-Abrahama qobo lwakhe, ongumfanekiso weBandla, kwakuyisibonakaliso sokugcina asemukela. Kuzo zonke ezinye izibonakaliso azemukela, leso kwakungesokugcina ngaphambi kokuba iSodoma lisulwe. Kunjalo na? Isibonakaliso sokugcina!

118 Ngenkathi u-Israyeli, imbewu eyalandela u-Abrahama. Futhi amaSamariya, okwakuyimbewu elahliwe ebhasteliwe, efuna Yena, nokho; bathi, "Ubaba wethu—wethu uJakobe usinikeza lo mthombo," owesifazane washo eSikari. Niyabo? "Ubaba wethu uJakobe, u—unika uJosefa lo mthombo, indodana yakhe, futhi—futhi siphuze kuwo, futhi waphuzisa amakamela akhe. Futhi Wena uthi Unamanzi, nokunye nokunye kanjalo na?" Niyabo? Futhi isibonakaliso sokugcina ukuthi imbewu ka-Israyeli, yemvelo, eyasemukela, kwakuwuhlobo olufanayo lwesibonakaliso! Whewu! Anikuboni na? Cabanga umzuzu nje!

119 Isibonakaliso sokugcina leso u-Abrahama nesivumelwano, isibonakaliso sokugcina ngaphambi kokulahlwa kwebandla elisivivi, nokubhujiswa kwalo, kwakuyisibonakaliso sokubona imicabango osezinhliziyweni nengqondo, uNkulunkulu wabonakaliswa enyameni yomuntu.

120 Futhi isibonakaliso sokugcina u-Israyeli asibona ngaphambi kokuba anqunywe, kwakuyinto efanayo. Futhi bathi, "NguBelzabule; umbhuli."

121 Manje sekuyihora! Nkulunkulu, vumela lokhu kungene kucwile! Manje sekuyihora, ukuthi, iNzalo yasebukhosini ka-Abrahama! Niyakuthola na? UNkulunkulu ebonakaliswe enyameni yomuntu, ebanikeza isibonakaliso sokugcina ngaphambi kokubhujiswa kwesivivi nokuhamba njengoba kwenzeka. Okokugcina! Ubukhazikhazi bokugcina obukhulu bokuhlubuka kukaLoti! Lokho akucwile umzuzu nje.

122 U-Abrahama, okokuqala; inzalo ka-Abrahama yemvelo, okwesibili; iNzalo ka-Abrahama yasebukhosini, okwesithathu.

123 Bukani, uMlayezo awuhambisani nesivivi ngaphandle lapho. Waya kanjani ngisho kubo na? Wathunyelwa kumapentecostal, abakhethiweyo, okudonselwe ngaphandle.

124 Futhi njengoba u-Israyeli enza ngaleyonkathi, amashumi ayisishiyagalolunye-. . .Bukani ukuthi bangaki, bukani ukuthi mungaki u-Israyeli owaWemukela. Ngenkathi isikhathi sabo sifika ukuba bakhuphukele lapho, kwakhona ikhulu namashumi amabili aphuma cishe ezigidini ezine.

125 Manje bukani iNzalo yasebukhosini. Niyabo, izofanele ifike lezo zikhathi ezintathu, niyabo, nomaphi lapho uthatha khona. UHamu, uShemu, nabantu bakaJafete. INzalo yasebukhosini ka-Abrahama! Kukhona u-Abrahama; inzalo yemvelo; iNzalo yasebukhosini. Yonke into! INzalo yasebukhosini ingoKristu, ngoku. . .Siza esithembisweni sika-Abrahama uNkulunkulu umnika sona ngoKristu, iNzalo yasebukhosini. Futhi lena yiNzalo yasebukhosini, leliBandla leNkosi uJesu lelo Alibuyiselayo ezinsukwini zokugcina. INzalo yasebukhosini! Qaphelani, wemukela leso sibonakaliso! Futhi Yena uqobo iNzalo yasebukhosini washo, ngenkathi Wayelapha, "Njengoba kwenzeka ezinsukwini zikaLoti, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." INzalo yasebukhosini, iNzalo ka-Abrahama, ebizelwe ngaphandle; uLoti naye, womfowabo, osivivi, ezansi eSodoma; bese kuthi-ke abaseSodoma, izwe. Namhlanje, izwe; ibandla lezwe; neNzalo yasebukhosini. Ncamashi, ihleli ngokwendawo nakho konke, ncamashi njengokohlelo. Futhi uNkulunkulu, ngesithembiso saKhe, wehlela phansi ngqo, ebonakalisa into efanayo. Amen. Uma kungaphelele, angazi ukuthi ukuphelela kuyini. KungumBhalo!

126 Ube nokukhuluma ngezilimi, usina eMoyeni. Ube nayo yonke lemizwa obenayo, ubone izimangaliso zokuphulukisa, ne—nezihlalo ezinamasondo, nokunye nokunye. Sikubonile konke okwalokho. Kodwa lapha, nasi isibonakaliso sokugcina esenziwe sikhuphuka manje. U-Abrahama ubone zonke izinhlobo zezinto uNkulunkulu amenzele zona endleleni, impela, kodwa nakhu kufika isibonakaliso sokugcina, ngaphambi nje kokuba indodana ethenjisiwe ifike. Futhi manje iNzalo yasebukhosini ibheke iNdodana yesithembiso. Haleluya! Ngabe thina, ngabe sifuna iNdodana ethenjisiwe na? INdodana kaNkulunkulu ukuba ibuye! Haleluya! O, lokho kungenza ngizizwe kuthi angimemeze. Bukani! INzalo yasebukhosini ifuna iNdodana ethenjisiwe. Njengoba u-Abrahama enza phansi eminyakeni, ebuka, ebambelele kuleloZwi, kanjalo neNzalo yasebukhosini. Futhi iNzalo ibheke le Ndodana ezayo, ukuza kweNkosi, ngomlindo wokuqala, umlindo wesibili, umlindo wesithathu, kuze kufike kumlindo wesikhombisa, futhi lapha sisalokhu sibheke iNzalo yasebukhosini. Futhi yini esiyibonayo ngaphambi nje kokuFika kweNkosi na? Kwenzekani na? UNkulunkulu wehlela phakathi kwethu, ekhombisa iNzalo yasebukhosini njengoba Enza ngenzalo ka-Abrahama; no-Abrahama, futhi inzalo ka-Abrahama, futhi naNsi lapha neNzalo yasebukhosini. UNkulunkulu akha phakathi kwethu

esimweni sikaMoya oNgcwele, enza izinto ezifanayo Azenza emuva lapho, enza, ekhombisa ukuthi kuyafana.

Futhi ocwaningweni lwesayensi esithombeni, izwe liyazi, izwe lesayensi liyazi ukuthi lokho yiqiniso.

Ibandla liyazi ukuthi lokho yiqiniso, umhlaba wonke.

127 Futhi ngiyakholwa ukuthi yonke iNzalo emiselwe ngaphambili isithi ayingene, umnyango usuzovalwa, futhi ukwahlulela kulungiselela ukushaya. Kunjalo. UNkulunkulu angeke ehlale ebanga nomuntu. Uzokwenza konke Angakwenza. Kepha ihora liyasondela, bangani. Qaphelani.

128 Ngizoninika okuthize okuzonisiza manje. Khumbulani, kwakuyini into elandelayo eyenzeka manje na? Ngaphambi kokuba bamukele inzalo yasebukhosini, kwakufanele kube nesimangaliso esenzekayo kubo bobabili u-Abrahama noSara, ngokwenyama, ngaphambi kokuba kube khona inzalo yasebukhosini . . . noma ngaphambi kokuba inzalo izalwe. "Manje, umzimba ka-Abrahama wawusufana nofile," iBhayibheli lisho lokho. Alikusho na? "Futhi isibeletho sikaSara sasifile," iBhayibheli lasho njalo. Manje kwakufanele kube nokuthile okwenyama okuthile okwenzekayo ngaphambi kokuba inzalo yasebukhosini ibe . . . inzalo ibonakale, indodana ethenjisiwe. Ngaphambi kokuba leyondodana ethenjisiwe ibonakale, kwakufanele kube khona okuthile okwenyama okuthile okwenzekayo emzimbeni wabo, ngaphambi kokubonakala kwendodana ethenjisiweyo. Bukani ukuthi Wenzeni. Ngizokunikeza into ethile encane.

129 Manje, ukufunda iBhayibheli, Kuyindaba yoThando uNkulunkulu ayibhalele iBandla laKhe. NguNkulunkulu. UNkulunkulu uluthando. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Futhi iBhayibheli libhalwe ngendlela yokuthi abafundile nabahlakaniphile abasoze baLiqonda. Ufanele uthandane noNkulunkulu ukuze uLiqonde. Ufanele ube noNkulunkulu kuwe. Uyazihumusha Yena uqobo kuwe.

130 Manje, kufana nokuthi nginonkosikazi. O, ngimthanda kanjani! Ngiyamthanda ngayoyonke inhliziyo yami. Futhi ngizoba phesheya kwezilwandle ndawo ndawo futhi uzo . . . ngemuva kokuba eselalise abantwanyana, uzongibhalela incwadi, bese ethi, "Billy othandekayo, ngihlezi lapha kulobubusuku, ngicabanga ngawe. Ngiyabhala." Niyabo, ngiyazi ukuthi yini ayibhala ephepheni. Kodwa ngiyamazi futhi ngimthanda kakhulu ngize ngazi nje imvelo yakhe, ngiyazi ukuthi uchaza ukuthini, ngakho ngingayifunda evaliwe. Niyabo?

131 Futhi uNkulunkulu ufuna iBandla laKhe ukuba liyifunde ivaliwe. Hhayi ukufunda *noma yini* ephuma kuLo manje! Uzofanele uyifunde ivaliwe ukubona ukuthi Lisho ukuthini. Manje bhekisisani futhi nibone, nithole uma Lingakwenzi.

132 Manje, lokho uNkulunkulu akwenzile ngo-Abrahama noSara, Uyabakhombisa, isibonelo seBandla laKhe. Wabenzela, Wabaphendulela emuva bobabili ekubeni yinsizwa nentombi. Impela, Wakwenza, wababuyisela emuva ebusheni futhi, njengoba nje Ezokwenza kuyo yonke iNzalo ka-Abrahama. Kungakhathaleki ukuthi umdala futhi wephuke kangakanani, kukhona usuku oluzayo lapho uzoba musha futhi ubemuhle futhi, kunjalo, ubukhazikhazi bempilo.

133 Ngibuze udokotela esikhathini esingeside esedlule, "Ngitshele, mnumzane. Uma njalo ngidla, ngihlumelelisa impilo yami."

Wathi, "Yebo, mnumzane, kunjalo."

134 Ngathi, "Manje, uNkulunkulu wathi thina se 'nziwa ngothuli lomhlabathi.'"

135 Wathi, "Kunjalo. Imifino nenyama nezinto ozidlayo uthuli. Lapho uthola khona ipotashi nekhalsiyamu nezinto kumavithamini akho, khona-ke ukukhipha ngqo emhlabathini. Futhi wenziwe ngothuli lomhlabathi."

Ngathi, "Mm. Manje, uNkulunkulu wakudala kuqala kanjalo."

136 Wathi, "Angazi lutho ngalokho, kodwa" wathi "Ngiyakwazi ukuthi manje udla ukudla futhi kwakha umzimba wakho."

137 Ngathi, "Ngiyakubuza." Ngathi, "Khona-ke ungibuza ngokuzala kwentombi na?"

Wathi, "Yebo, mnumzane, ngiyakubuza."

138 Ngathi, "Ngithanda ukukubuza okuthile, dokotela. Ngichazele lokhu."

139 Wathi, "Awu, noma yini engeke yafakazelwa ngokwesayensi ayilungile."

140 Ngathi, "Ngizothatha uhlangothi oluphikisayo, ukuthi noma yini inokufakazelwa ngokwesayensi ayinjalo, akukho lutho kuyo." Futhi ngathi, "Izinto zangempela kuphela ezikhona empilweni izinto ezingenakufakazelwa ngokwesayensi: uthando, injabulo, ukuthula, ukubekezela, ububele, ukukhuthazela, ukukholwa. Kufakazele ngokwesayensi kimi? Nokho kuyiqiniso! UNkulunkulu, uMoya oNgcwele, iziNgelosi!" Amen! "Ukukholwa kuyazenza lezozinto. Yonke into eniyibonayo ivela emhlabathini, kuqhamuka kumama-mhlabathi, kubuyela emuva ngendlela efanayo." Ngathi, "Ngifuna ukukubuza okuthize. Ngenkathi ngineminyaka eyishumi nesithupha ubudala, ngangidla ukudla okufanayo engikudlayo khona manje. Ngangidla ubhontshisi, amazambane, nesinkwa, nenyama. Futhi njalo lapho ngangidlile, ngangiya ngokubamkhulu futhi ngiye ngokuqina."

Wathi, “Impela, wawuhlumelelisa impilo yakho.”

141 Ngathi, “Kungani, emva kokuba sengidlule cishe eminyakeni engamashumi amabili nambili ubudala, noma ngubani omunye, kungakhathaleki ukuthi udla kangakanani, uya ngokuba buthakathaka futhi uya ngokuguga na? Cabanga ngakho.” Ngathi, “Nginojeke wamanzi lapha, futhi nginengilazi; futhi ngaqala ukuthela amanzi aphuma kulojeke omkhulu obanzi angena kulengilazi, futhi iqala ukugcwala ize ifike phakathi nendawo ukugcwala; futhi khona-ke ngaphandle kwanoma yini phansi nhlobo, lapho ngithela kakhulu, ayaqhubeka ayaphansi. Akunandaba ukuthi ngidla kangakanani, kuhle kangakanani; ngidla kangcono manje kunoma ngangivamisile, izikhathi eziyikhulu kangcono.”

142 Ngiyazi ukuthi sasihlafuna kanjani izikhumba zenyama ubusuku bonke, futhi ngidle isinkwa sommbila okwesidlo sasekuseni notiligi wamabele, futhi into efanayo ngedina nasekudleni kwakusihlwa, futhi. Ngiyazi ukuthi kwakunjani ukuphila kanzima, futhi manje sengingadla kangcono. Ngiyabonga Nkosi. Kepha noma ngabe ngidla kangakanani, namanje ngiya ngokuba buthakathaka futhi ngiya ngokuguga. Futhi ekugcineni ngizokoma futhi ngife. Ngani na? Ngani na? Isikhathi esinqunyelwe uNkulunkulu asenzile. Kunjalo. Yebo, mnumzane.

143 Futhi qaphelani u-Abrahama noSara, babuyela emuva cishe amashumi amabili noma iminyaka engamashumi amabili nanhlanu ubudala.

144 O, uthi, “Umbhedo, Mfowethu Branham!” Kulungile, manje hlala unganyakazi umzuzu nje, ake siyifunde ivaliwe nje kanye.

145 Masinyane emva kokuba lezoziNgelosi sezihambile, neSodoma lashiswa, u-Abrahama noSara bathatha uhambo olude baze bayothi ngqu ezansi eGerari. Lolo uhambo impela lwezithandani ezindala. Lulinganise emephini yakho. Bahamba behlela eGerari. Futhi nangu uSara manje, ugogo, iminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, efake isigqoko selanga, eqhaqhazela. Futhi u-Abrahama nentshebe yakhe ende ilengela phansi. IBhayibheli lathi, “Bobabili base begugile.” Ungazami ukuthi baphila isikhathi eside. Futhi iBhayibheli lathi, “Imizimba yabo yomibili yayisifile, sebegugile.” Futhi lapha bahamba behlela eGerari. Futhi kunenkosi esencane ezansi lapho egama lingu-Abimeleki, futhi yayifuna isithandwa, futhi lapho ebona uSara wamthanda. Ngabe kunjalo na? Ugogo na?

146 “Ngani, ungodlula bonke!” U-Abrahama wathi, “Uyabukeka.” Amen. “Ngiyakucela, mtshele ukuthi ungudadewethu—wethu.” Haleluya! Wayekhombisa lapho Ayezokwenzela yonke iNzalo ka-Abrahama. USara wayemuhle. U-Abrahama wayesemusha. Sengiyamuzwa u-Abrahama ethi,

"Sara, s'thandwa, uyazi ukuthini, ubumpunga buyaphuma ezinweleni zakho."

147 "Abrahama, isifumbu siyaphuma emhlane wakho. Uyaqonda thwi." Babuyela emuva ebunsizweni nasebuntombini. UNkulunkulu, ekhombisa! O, he!

148 Futhi u-Abimeleki wathandana naye, futhi wahamba wamthatha, wayezomshada. Sengiyambona egeza, futhi ulala phansi egqoke amaphijama akhe, futhi ephakamisa izinzwane zakhe, emva kokusho imikhuleko yakhe, wathi, "Kusasa ngizoshada lowo muhle oneminyaka eyikhulu ubudala"? Okuhlekisayo! "Leyo ntombazane enhle engumHeberu! O, umfowabo, lowomfo osemncane! Futhi muhle kanjani!"

149 Futhi uNkulunkulu wabonakala kuye ephusheni, wayesethi, "Ufana nje nendoda efile."

Wathi, "Nkosi, kungani lokho na?"

Wathi, "Lowo ngumfazi womuntu."

150 Wathi, "Uyabazi ubuqotho benhliziyo yami, Nkosi. Uthe, 'Lowo ngumfowethu.' Futhi yena uthe, 'Ngudadewethu.'"

151 Wathi, "Yebo, ngiyabazi ubuqotho benhliziyo yakho, yingalesosizathu Ngingakuvumelanga ukuba wone kiMi." Kodwa lalela! "Kodwa ufana nofile, futhi isizwe sakho sonke asisekho. Umyeni wakhe ungumprofethi waMi. Anginandaba ukuthi ungcwele kangakanani, ukuthi ukhuleka kangakanani, Angeke ngiyizwe imikhuleko yakho. Kodwa umyeni wakhe ungumprofethi! Hamba, futhi ubuyisele umkakhe futhi umvumele akakukhulekele. Uma ungakwenzi, uzokufa." Haleluya!

152 Kwakuyini na? UNkulunkulu elungiselela uSara no-Abrahama ukuba bemukele indodana ethenjisiwe. Ukukhombisa ukuthi into elandelayo emuva kokubonakaliswa kwaleNgelosi kaNkulunkulu, uMoya oNgcwele ukhombisa isibonakaliso saKhe sokugcina, into elandelayo, lokhu okufayo kuthatha okungafi futhi siyahlwithwa emoyeni ukuhlangabeza iNdodana ethenjisiwe, iNzalo ka-Abrahama yasebukhosini. Udumo kuNkulunkulu! Haleluya! "Ngokuba siyoguqulwa ngesikhashana, ngokuphazima kweso, futhi siyohlwithwa ndawonye ukuhlangabeza Yona emoyeni. Ngakho-ke siyoba naYo njalo, iNdodana ethenjisiwe." Haleluya!

153 O, angeke ngikuthole . . . ngizo . . . Mhlawumbe kusasa ebusuku ngizothola isahluko 22, niyabo.

154 O, ngiyakuthanda, anikuthandi na? Ngijabule kakhulu, zonke lezizinto! IBhayibheli ligcwele nje lezozigaqa ezinomusa. Vele welulekele phansi futhi uzicoshe, susa ukuthuli kuzo futhi uzibuke. Zonke zimele uJesu Kristu, wonke umuntu, ngokuba kuYe kwakuhlala ukugcwala kukaNkulunkulu. KuYe, yonke into ikhomba khona. Yonke into evela eTestamenteni

eLidala yakhomba esiphambanweni; futhi iseTestamenteni eLisha, ikhomba emuva esiphambanweni. Kunjalo. Konke kulapho. O!

> Libusisiwe igoda elibophayo
> Izinhliziyo zethu othandweni lobuKristu;
> Inhlanganyelo yemiqondo efanayo
> Injengalokho ngaPhezulu.

155 NgiMthanda kanjani! Ngifuna kanjani ukuMbona! Ukuthi ngilangazelela kanjani futhi ngilindele lokhu kushaywa okudala, ukulinyazwa, ukwephulwa inhliziyo, umzimba odilizelwe phansi ukuba uguqulwe ngokunye kwalokhu ukusa! Icilongo liyokhala nabafileyo kuKristu bayovuka. Siyohlwithwa kanye nabo, ukuhlangabeza iNkosi emoyeni.

156 Ukuthi uRebeka waliphuzisa kanjani lelokameli ekupholeni kwakusihlwa. U-Eliyeza akazange amthole ekuseni. Akazange amthole ngesikhathi sasemini; wamthola ngokukhanya kwakusihlwa. "Kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sakusihlwa!" Kunjalo! Yilapho amthola khona. Wamboza ngeveli ubuso bakhe. Wayengenayo inhloko; wayeya enhlokweni yakhe. Amen. Owesifazane, kuyimvelo yakhe, yowesifazane, ukuzinikela kowesilisa. Futhi kuyimvelo yebandla ukuzinikela kuKristu, ukuzinikela entandweni yaKhe. Uzinikele nje! Akacabangi ngaye uqobo; uthatha iZwi laKhe, hhayi elomunye umuntu. Ukuba u-Eva wayenze lokho, sasingeke sidingeke ukuba sife; kepha walalela ukuzindla. Kodwa uMlobokazi wangempela kaKristu uthatha ubuNhloko bukaKristu, iZwi, futhi ukholwa yiZwi likaNkulunkulu kuphela. Lowo ngowoqobo, uMlobokazi obuyiselwe. Haleluya! Isikhathi sesisondele, bangani, kuleyithi kunoma nicabanga. Sisesikhathini sakusihlwa. UMoya oNgcwele ulapha kulobubusuku. Ngiyazi ngelincane, iqembu elincanyanyana.

157 Ubungacabanga, "O, uma into efana naleyo ibingenzeka, uNkulunkulu ubengayibonakalisa eRoma, kubabhishobhi nakophapha. Ubeyokuza kumbhishobhi wamaMethodisti. Ubeyoza ekholiji leBaptisti. Ube . . . " Ya, yilokho okucabangayo. Kodwa Akazange akwenze ngaleyondlela.

158 Uza kwabanenhliziyo ethobekile, labo abaMfunayo. Futhi Ulapha kulobubusuku, uMoya oNgcwele, uNkulunkulu, iNgelosi efanayo; lapha ngaphambi kososayensi, efakazisa, naNguya nesithombe saKhe esithathiwe. UGeorge J. Lacy, inhloko ye-FBI yemibhalo yezinsalela yeminwe, wathi, "UkuKhanya kushaye ingilazi eqoqa imisebe yokukhanya." Wathi, "Mnu. Branham, ngishilo isikhathi esiningi ukuthi kwakuyisayense ephathelene nokusebenza kwengqondo, ukuthi wawufunda imiqondo yalabobantu. Kodwa" wathi "iso lokomshini lalekhamera ngeke lithathe isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo. UkuKhanya kwashaya ingilazi

eqoqa imisebe yokukhanya. Kwakulapho!" Nasiya. Esinye sazo silenga eWashington, DC, kunelungelo lokomthetho, "Okuyisona kuphela isiDalwa esingaphezu kwemvelo esake sathwetshulwa ngokwesayensi futhi safakaziswa."

159 Ngani na? Uma ngifa kulobubusuku, uma ngingalokothi ngingene kulelipulpiti kusasa ebusuku, amazwi ami ayiQiniso. Ngoba, akusilo amazwi ami, ngelaKhe. Angikaze ngisho "qobo lwami." Akusimina. Bengingeke ngenze lutho. Ngingumuntu njengani, isoni esisindiswe ngomusa. Kodwa uNkulunkulu, ngalolu izinsuku zokugcina, wathembisa lezizinto, futhi nazi lapha! YiZwi. Ukube bekuyindaba eqanjiwe, bekungehluka. Kodwa yiZwi lifakazisa iZwi ngeZwi, eliqinisiwe, iBhayibheli lonke. Laqiniswa ngososayensi! Laqiniswa nguMoya! Laqiniswa yibandla! UNkulunkulu phakathi kwethu! Haleluya. Ngijabule kakhulu ngalokho. Anijabuli yini, izolo ebusuku, nimile nenza lokho kuma na? Ngabe kunenze nazizwa nehlukile na? Kuyokwenza njalo, uma umela iZwi likaNkulunkulu. Mela uKristu! Ungabi namahloni ngakho.

Asikhuleke.

160 Ngabe ukhona lapha kulobubusuku abangathanda ukuphakamisa isandla sakho nje umzuzwana manje, bese uthi, "Mfowethu Branham, ungikhumbule emkhulekweni wakho. Ngizo, ngiyalangazelela kakhulu ukuba ngomunye walezo ziNzalo zika-Abrahama. A—angifuni ukugejwa yiZulu. Khuleka, Mfowethu Branham. Njalo phansi enhliziyweni yami ngezwa sengathi kwakunokuthile engafinyelela kukho. Angikaze ngikwazi ukukuthola. Ngikhulekele, Mfowethu Branham, ukuthi uNkulunkulu uzongipha khona"? UNkulunkulu akubusise wena. Buka izandla nje, yonke indawo, eziphakamayo.

161 Kunjani kuvulandi osesitezi na? Manje, khumbulani, uNkulunkulu mkhulu kuvulandi osesitezi njengoba Enjalo phansi lapha.

162 Ngabe uqotho ngempela, ukuqondile lokho na? Phakamisa isandla sakho. UNkulunkulu akubusise. Ngiyabuka umzuzwana nje. Yibani nilokhu nikhuleka, gcinani amakhanda enu ekhotheme.

163 Isoni phakathi lapha kulobubusuku sizofuna ukuphakamisa izandla zabo, bathi, "Ngikhumbule, Nkosi. Angisiphakamisi isandla sami kulowo mshumayeli; Ngiphakamisela isandla sami kuWe. Ngiyakholwa ngokweqiniso ukuthi Uyaphila namhlanje, ukuthi Awuzange ufe; ukuthi lapho Ufa, Wavuka futhi, njalo. Futhi Uyaphila kuze kube phakade naphakade, onguye izolo, namuhla, naphakade. Ngiphakamise isandla sami kuWe, ngoba ngiyakholwa ukuthi Ulapha"? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngikhumbule, Nkosi." Yibani nilokhu nikhuleka. Yibani nokukholwa kuNkulunkulu.

Umhlubuki, khona-ke na? UNkulunkulu akubusise. Uyazibona izandla zenu.

164 Baba wethu waseZulwini, Uyazibona lezozandla. Uyazi ukuthi yini engemuva kwazo. Wena wathi, "Umhlwanyeli waphuma wahlwanyela iMbewu. Enye yawela eceleni kwendlela, ayenzanga lutho oluhle; enye yawela emhlabathini onamatshe; enye emeveni; enye yaba ngokuphindwe ngekhulu." Umhlwanyeli wayebophezeleke kuphela ekuhlwanyeleni iMbewu. Makuthi uMoya oNgcwele ubambe leyoMbewu khona manje nje. Nkosi, si . . . ngi—ngiyakholwa, Nkosi, si . . .

165 Akekho umuntu owaziyo ukuthi Uzofika nini. Asikwazi lokho. Wathi, "Akuyikwazi ngisho iziNgelosi; uBaba kuphela nje." UJesu washo ukuthi Wayengazi. "UBaba kuphela nje."

166 Manje, Baba, ngiyakhuleka ukuthi uma kukhona labo phakathi lapha abaphakamise izandla zabo, ngiyakholwa ukuthi bakuqondile lokho. Kukhona Okuthize emuva kwabo, ukuthi, uMoya, obatshele ukuthi baphakamise izandla zabo, futhi bakwenzile. Baqotho. Mhlawumbe lokhu kungokokuqala ukuthi Uke ukhulume nabo, futhi kungenzeka kube isikhathi sokugcina. Mhlawumbe Wakhuluma ngezinye izikhathi, futhi awuzange usakhuluma futhi. Angazi. Kodwa, Baba waseZulwini, ngiyakhuleka ukuthi Uzopha insindiso kuwo wonke umuntu okholwayo.

167 IGama laKho eliNgcwele alilethwe ekuhlonipheni phambi kwabantu. Kwangathi uthando lwaKho lungabelwana ngaphesheya kuzo zonke izinhliziyo ngoMoya oNgcwele. Busisa lababafowethu abangabafundisi, Nkosi. Lawa indoda ayigugu lapha ethe, phakathi kwengxabano, bangimemile, noma kanjani. Busisa abantu abethamele.

168 Angiqondile ukuba ngoqhoshayo, angiqondile ukwehluka, Nkosi; nje oneqiniso. Futhi yilokho kuphela Ozokuqonda, yiqiniso elikumuntu, ngokuba Wena uyiQiniso. Yizwa manje, Baba, ngiyakhuleka. Baphe kulobubusuku ukuthi abaningi babo lapha, ukuthi mhlawumbe abangaziphakamisanga izandla zabo, bazosindiswa, noma kanjani. Siphe khona, eGameni likaJesu. Amen.

169 Manje njengoba sihleli ngenhlonipho yokuzithoba umzuzwana nje. Ngikholwa ukuthi sileyithi kancane ukuba nomugqa womkhuleko, kodwa sizoba nawo. Wonke umuntu, uma ni . . . wena, uma unekhadi, bamba ikhadi lakho. Uma ungabanga nalo ikhadi, thola elilodwa. Sizo . . . Uma sizodingeka sihlale lapha izinsuku ezinhlanu ezingeziwe, sizokhulekela ngamunye wabo. Kunjalo.

170 Ngizama nje ukufinyelelisa uMlayezo kubantu. Ngizama ukunithola ukuba nibone enkulu . . . Uma uphulukiswa; mhlawumpe, uma uphila kade ngokwanele, uzophinde ugule futhi ngesinye isikhathi. Kodwa uma uke wasindiswa,

unokuPhila okuPhakade. Niyabo? Ungaphulukiswa, futhi uqhubeke nendlela yakho futhi ulahlekelwe yinsindiso yakho . . . ungalahlekelwa ukuphila kwakho, kunalokho; kodwa uma usindisiwe, unokuPhila okuPhakade ngaleyonkathi, awusophinde ugule.

171 Angazi noma niqondile kulobubusuku lokho ebengikhuluma ngakho, ukuthi uNkulunkulu wabonakala ku-Abrahama noSara lapho, futhi wabanika isibonakaliso sokugcina, leyoNgelosi, ukuthi ngaphambi kokuba ukubhubha kufike futhi indodana ethenjisiwe yanikezwa. EBandleni, sona, leso sibonakaliso, kwakuyiNdodana ezayo. Ezweni, kwakungukubhubha. Manje, lokho Akwenzela u-Abrahama nabo kwakuyizibonelo.

172 UJesu uza emhlabeni, iNzalo ka-Abrahama yasebukhosini, futhi wenza leso sibonakaliso esifanayo. Bangaki owaziyo ukuthi lokho kunjalo, thanini "Amen." [Ibandla lithi, "Amen!"—Umhl.] Impela. Futhi bakwenqaba. Ngabe kunjalo na?

173 Manje, Akazange akwenze lokho kwabeZizwe, ngoba iNzalo yasebukhosini yayiphumile, iBandla lalingakazalwa okwamanje. Kodwa lapho iBandla selizelwe, futhi manje selibe neminyaka eyizinkulungwane ezimbili, nje e . . . Khumbulani, lokho kwakungukuvala ekulindeleni kuka-Abrahama. Lokho kwakungukuvala enzalweni yemvelo elindele uMesiya, ngoba uMesiya wayelapho.

174 Lokhu kungukuvala kokulindela kweNzalo yasebukhosini. Ulapha, ukubonakala kukaKristu. Sewake wazama ukwehlukanisa . . . Kunendawo eBhayibhelini, niyazi, anginaso isikhathi sokungena kukho, ithi "ukubonakala kukaKristu," bese kuthi-ke "ukuFika kukaKristu." Lokho yizinto ezimbili ezehlukene, ngakho konke, uku "bonakala" noku "Fika." Uyabonakala manje, esebenza nathi ngesimo sikaMoya oNgcwele, ekwenza kuphelele nje, iBandla. Kufanele.

175 Njengokuthi uma unedola ephaketheni lakho, likhiphe futhi ulibuke. Ohlangothi olulodwa uphawu lwaseMelika; ngakolunye uhlangothi uphawu lwaseGibhithe, isivivane netshe eliyinhloko phezulu le ngenhla kwalo, njengeso libuka. Futhi kungani idola laseMelika libeke ngaphansi kwalapho, "Uphawu olukhulu"? Kubukeka sengathi uphawu lwaseMelika beluyoba uphawu olukhulu lapha. Kodwa uHulumeni wase-United States uyaqonda ukuthi bayakufuna noma qhabo, uphawu olukhulu.

176 Bukani lesosivivane njengoba sibunjwa, iBandla. Ukulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi khona-ke lokho kufanele kucijwe ukuthi lapho . . . Itshe eliyiNhloko alikaze lifike esivivaneni, Lenqatshwa, njengetshe leGumbi. Manje, kodwa lapho lelotshe eliyiNhloko liza . . . Kade ngisesivivaneni; kulingana ncamashi, ubungeke ufake ireza phakathi kwaso, lapho usimende ukhona. Futhi lapho iBandla lifika, lokho u . . . Lapho uKristu efika

ukwamukela iBandla laKhe, iBandla lizoba nenkonzo efana ncamashi nalokho, futhi ngalowomusa kuzophakama yonke into, bese liyahamba. Ukufika kwetshe eliyiNhloko; limemeza, “Umusa, eNkosini!”

177 Nginokuthile engqondweni yami. Haleluya! UNkulunkulu wethu usenguNkulunkulu. Wembula izimfihlo zaKhe ezincekwini zaKhe. Ngikhulume ngeNgelosi eYafulathela ithende, futhi Yafulathela ithende, futhi yasho lokho uSara ayekucabanga ngaphakathi. Ngiyabikezela ukuthi leyoNgelosi ilapha manje, uMoya oNgcwele, iNsika yoMlilo efanayo, Efanayo eyayikuKristu. INsika yoMlilo yahola abantwana bakwa-Israyeli. INsika yoMlilo yenziwa inyama yakha phakathi kwethu. Wathi, “Ngivela Nkulunkulu, ngiya kuNkulunkulu.”

178 Emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, ukuvuka, nokwenyuka, Wahlangana noSawulu endleleni eya eDamaseku. Futhi ukuKhanya kwamshaya kwamlahla phansi. Futhi wathi, “Nkosi, Nkosi!”

179 Wathi, “Sawulu, Sawulu,” kuqala. “Ubani . . . UNgihluphelani na?”

Wathi, “UnguBani, Nkosi na?”

Wathi, “NginguJesu.” Wabuyela emuva!

180 Nangu Ulapha kulobubusuku, efakazelwe yiBandla laKhe, ngokwesayense nakho konke! O, bangani, kungani sibuthuntu kangaka na? Kungani sihlezi sibunile kangaka na? Makuthi u—makuthi uNkulunkulu okhulume iZwi, makuthi uNkulunkulu o . . . Njengoba u-Elisha asho, obuya nokuphindwe kabili kuka-Eliya, wasonga ingubo, futhi wathi, “Uphi uNkulunkulu ka-Eliya na?” Makuthi uNkulunkulu owaloba iZwi, aqinise iZwi! Uma Leli kuyiZwi laKhe, Akame ngakuLo! Wethembisa ukukwenza. Uzokwenza uma sikukholwa.

181 Manje ngokucacile mangenze lokhu kwaziwe. Angisuyena lowoMuntu. Ngiyinceku kulowoMuntu. Nawe uyiyo, futhi, uma uyiNzalo ka-Abrahama.

182 Kodwa, mina ngishumayela iZwi laKhe, futhi ngimi osukwini lapho onke amahlelo engalile, izinhlangano ziyangikhahlela zingikhiphe ukusuka endaweni kuya endaweni. Futhi nje abafowethu abayigugu okuleyo nhlangano, obona ukuKhanya, uzobambelela kuKho kungakhathalekile ukuthi ikomkhulu lithini. Nkulunkulu busisa amadoda anjalo. Nkulunkulu busisa abesifazane nabesilisa abamile izolo ebusuku. Yini enginganenzela yona na? Ngiceleni okuthile. Ngiceleni ukuthi ngenzeni, ngizokwenza noma yini enginganenzela yona. Ningabantu bakaNkulunkulu. Noma yimuphi owesilisa noma owesifazane uzokwenza ukuma kanjalo, phakathi kwengxabano, ngiyanihlonipha.

183 Manje uma leyoNgelosi...EZwini likaJesu Kristu yabikezela, ukuthi ngaphambi nje kokufika kweNdodana yomuntu, ukuthi into efanayo eyenzeka eSodoma yayiyokwenzeka eBandleni, maYize enkundleni.

184 Ngizofulathela. Khothamisani amakhanda enu futhi nikhuleke. Bengingeke nhlobo ngisho lokhu uma bengingezwanga ngiholeleka ukuthi ngikwenze. Ngingaba yisiwula ngokwenza isitatimende esinjalo. Kodwa, ngokukholelwa kuKristu iNdodana kaNkulunkulu, ngikholwa ukuthi UyiZwi! Futhi iZwi lenziwe laba yilo ngempela enyameni yethu, uma sithatha iZwi, ngoba liyisithembiso saKhe, "Ngizoba kini kuze kube sekupheleni kwezwe, nemisebenzi eNgiyenzayo nani niyoyenza."

185 Ngifulathele izethameli, Baba waseZulwini, ukuthi ngishumayelile kuzo, kuloMyalezo. Ngiyakhuleka kuWe, Nkulunkulu, makwaziwe kulobubusuku ukuthi Usenguye uJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu, futhi Usenguye uJehova uNkulunkulu. Unguyena izolo, namuhla, naphakade. Futhi kwakuNguwe lapho ukhuluma ku-Abrahama ngalolosuku ethendeni. KwakuNguwe owawungehlulela lokho lowo wesifazane ayekucabanga ethendeni, futhi wamtshela. Futhi khona ngaleyonkathi, yena ekuphika lokho, Ubuyothatha ukuphila kwakhe, kodwa wayeyingxenye ka-Abrahama, umlobokazi wakhe. Nkosi, Ubuyothatha ukuphila kwethu, ngokungakholwa kwethu, kodwa siyingxenye kaKristu. Ubungeke uthole, wathatha uSara ngaphandle kokulimaza u-Abrahama. Futhi Angeke uthathe iBandla no—ngaphandle kokulimaza uKristu. Ngisize, Nkosi. Anginamfundo. Nje ngi...Nkosi, anginalutho, kodwa ngiyaKukholwa nje. Futhi ngiyakholwa. Sisize kukho, Nkosi.

186 [Udade ukhuluma ngolunye ulimi. Omunye udade unikeza incazo—Umhl.] Amen. Makabongwe uNkulunkulu ophilayo. Manje, Ukhona lapha. Hloniphani ngokuzithoba, inhlonipho.

187 Ungalivusa ikhanda lakho uma ufisa. Manje hhayi kuphela...Niyabo, iBhayibheli lithi ukukhuluma ngezilimi ukuzakha wena, ngaphandle uma kunokuhumusha. Futhi uma ukuhumusha, leso yisiprofetho eBandleni. Futhi indlela engiqonda ngayo lokho kuhumusha khona-ke, kwakunguku "Kholwa yiNkosi, ukuthi nguYe othumele iZwi." Futhi khona-ke angizi ngegama lami, ngiza ngeGama laKhe. Futhi imisebenzi yaKhe Ubezoyenza ngami-ke, ngokushumayela iZwi laKhe nokuqinisa iZwi laKhe. Impela. Ngiyakukholwa lokho. Nikholwa ngokufanayo na? [Ibandla lithi, "Amen!"—Umhl.] Bangaki okukholwayo manje, ngaphambi kokuba A...? UNkulunkulu akubusise. Manje, leyo yindlela yoku, leyo yindlela. Gcinani leyoleveli ilinganisene futhi nizobona okuthize kwenzeka.

188 Ngizofulathela izethameli, ngoba lowo bekunguMoya oNgcwele ufakaza nje kulokho. Niyabo? Qinani futhi nenzeni. Manje kholwani phandle lapho ezethamelini, omunye. Akekho umuntu engimbonayo...Bangaki phandle lapho ogulayo nohluphekile, noma onomunye ohluphekile, noma okuthize okunye okukhulekelayo, futhi uyazi ukuthi angazi lutho ngakho, vele nje uphakamise isandla sakho. Awu, ngiyacabanga ngokubonakalayo nje kusezindaweni zonke. Awu, asikholwe nje manje. Akunga, akungaphumi muntu, nginikeni nje... Yi—yimizuzu eyishumi nambili kushaye eleshumi. Nginikeni imizuzu eyishumi nambili, nizonginika na? Akunganyakazi muntu. Akungaphumi muntu, nhlobo. Hlalani ngempela nithule manje. Kanye nje, vulani inhliziyo yenu.

189 [Umfowethu ukhuluma ngolunye ulimi. Omunye umfowethu unikeza incazo—Umhl.] Amen. NgiyaKubonga, Nkosi, ngiyaKubonga. Ngenhlonipho yokuzithoba siyakuhlonipha lokho ngayo yonke inhliziyo yethu. Leso yisiphiwo eBandleni. Yibani semkhulekweni nje, ngenhlonipho yokuzithoba.

190 Khumbulani, babeya empini ngesinye isikhathi, babengazi ukuthi bangahlangabezana kanjani nalempi enkulu. UDavide wayemi lapho, futhi wehlukanisa phakathi iqatha lenyama kanye nabo negabha elikhulu lewayini. Kodwa uMoya wehlela phezu kwendoda eyodwa, futhi yaprofetha futhi yabatshela ukuthi bahlangane kuphi nesitha, futhi kwabanjalo.

191 Sihlangana nempi enkulu, mfowethu. Futhi simi empini enkulu njengamanje. UMoya uwile futhi, phezu kothize, futhi ukutshelile nje ukuthi wenzeni, uku "kholwa." Uzama ukususa umqondo wakho ekubeni yimina. Niyabo? Abanye benu bangahle bacabange ukuthi uMfowethu Branham uzama ukwenza into ethize. Akusimina; nguYe. Mina nje...Isiphiwo singukuzinikela nje qobo lwakho, njengokuzidonsela egiyeni. Njengalombhobho, uvule, okuthize kuzofanele kukhulume ngawo. Yigiya elincane nje engilivulayo, into encane. UMoya oNgcwele! Angiwuvuli; Uyawuvula. Bese-ke Eyakhuluma; akusimina. Manje hloniphani futhi nikholwe, ngamunye wenu, futhi khulekani nje.

192 Manje, wonke umuntu uyazi ukuthi iBhayibheli lathi "uJesu Kristu khona manje ungumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu." Uma lokho kunjalo, ibandla malithi, "Amen." [Ibandla lithi "Amen!"—Umhl.] Ngabe UngumPristi oMkhulu ofanayo na? Thanini, "Amen." ["Amen!"] Uma EngumPristi oMkhulu ofanayo, Ubezokwenza ngendlela efanayo. Ngabe kunjalo na? ["Amen!"] Amen. Manje ubungenzani na?

193 Manje, ukungithinta, bekungeke kwenze mehluko; ngingumuntu. Kodwa ukuthinta Yena, khona-ke UnguMoya oNgcwele ophakathi *lapha*, khona-ke Ubuyisela emuva

futhi usebenzisa izindebe zomuntu. Ngoba, UnguMvini, singamagatsha; Akatheli isithelo, Ukhuthaza kuphela igatsha.

194 Lokho ngukuthi, ngivele ngifulathele nje, ukuze nizobona ukuthi izinto engizishilo.

195 Manje, laba befundisi lapha emsamo, bayakhuleka. Ningangibuka uma nifisa. Kulungile. Ukubona nje, ungahle wazi ukuthi nje ba . . . Isizathu, ungumelusi wezimvu, nguwena owelusa lezizimvu. Ngakho-ke, ukuze nje ungahle wazi. Futhi ngifuna ningikhulekele, bazalwane. Isizathu, niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Ngimele yena kanye uKristu enimkhonzayo. Futhi ngingumfowenu, isakhamuzi esikanye nani soMbuso, nani bazalwane. Futhi ngilapha nje . . .

196 Niyabo, manje, njengamanje iZwi engilishumayelile, niyabo, Liyisikhonkwane. Njengamanje, ukwehluleka, yilokho uSathane abengafuna ukukubona. Yilokho kuphela akufunayo. Kodwa uNkulunkulu akasiso isehluleki. Hloniphani nje.

197 Manje ngifulathele, ngifuna omunye umuntu . . . Angikuphendule, konke kuzungezile. Angiphendukele ku*lesi* sigaba, kuqala, futhi khona-ke ngizoza ngapha kwe*sinye* isigaba. Manje omunye emuva ngalendlela; kunabaningi kakhulu, njengokungathi, abakhulekayo. Emuva ngalendlela, omunye uyakhuleka emuva lapha manje, lowo ofuna ukukholwa uNkulunkulu. Kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho, emuva phakathi lapha ndawo ndawo.

198 Manje, Baba waseZulwini, ngi—ngiyaKubonga kuyo yonke imilayezo yaKho, yonke into Oyenzile. Manje ngisize, Nkosi. Ngi—ngi . . . ngokukholwa, ngiyaKukholwa, iZwi laKho. Ngiyakholwa ukuthi BekunguMoya waKho ongibizile ukwenza lokhu. Manje makwazeke ukuthi ngikhulume iQiniso. Ngifakazile ngaWe, manje fakaza, Nkosi, ukuthi ngikhulume iQiniso. Ngikucela eGameni likaJesu. Amen.

[Udade ukhuluma ngolunye ulimi—Umhl.]

199 Baba Nkulunkulu, silindele ukuhunyushwa kwalokho. Wena washo, eBhayibhelini, kuzoba ngo "kudedelana kwabathathu," futhi lona ngowesithathu. Manje si—sikhulekela ukuthi—ukuthi Uzokwazisa kothize onalezo ziphiwo zokuhumusha. Ngikushiyela kuWe, eGameni likaKristu.

[Umfowethu unikeza isiprofetho—Umhl.] NgiyaKubonga, Nkosi.

200 Manje, leso bekuyisiprofetho, hhayi ukuhumusha. Niyabo, usho okuningi kunalokho okwenziwe ngowesifazane. Kukhona ukuhumusha okuzayo. Niyabo, leyo ndoda ibingumprofethi.

201 [Umfowethu unikeza incazo—Umhl.] Amen. NgiyaKubonga, Nkosi.

Ngokuqondene ngqo ngemva kwami . . .

202 [Udade ebandleni uqala ukukhuleka—Umhl.] Nkulunkulu, yipha isibusiso kowesifazane, asikhalelayo. Vele ube . . .

203 Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela manje, futhi nikukholwe ngayo yonke inhliziyo yenu. Manje, ngoMoya oNgcwele, ngizama ukuveza iZwi engilishumayelile, lapho Efakazisile ukuthi lizofezeka. Manje kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

204 Kunothize omi phambi kwami, ohlezi emuva kwami. Futhi ngowesifazane. Futhi uhlushwa yinkathazo yenhliziyo. Futhi unesigulisi esimkhathazayo. Usemuva kwami nje. Uma owesifazane engakami namanje . . . Izethameli ziyabuka; ngivale amehlo ami. Ukhathazekile futhi mayelana nothandiweyo, okungukuthi, umyeni wakhe ohlezi nje ukusuka kuye; ukhubazekile, unenduku yokudondolozela. Igama lowesifazane nguNkk. Brumley. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Sukuma futhi wemukele lokho okukhulekele, futhi uzothola lokho okucelile. Yima ngezinyawo zakho. Ngabe usesukumile na? [Ibandla lithi, "Yebo."—Umhl.]

205 UNkulunkulu akubusise. Angimazi owesifazane, angikaze ngimbone empilweni yami. Siyizihambi omunye komunye na? Kukhona . . . [Owesifazane uthi, "Yebo."—Umhl.] Manje babuze, hamba ubabuze uma kunjalo. Manje uma lowo kungesiye uNkulunkulu ofanayo owayesezansi lapho ngaphambi nje kweSodoma, angazi ukuthi kuyini.

206 Omunye kuloluhlangothi kholwa namanje ngayo yonke inhliziyo yakho. Nkosi Jesu. Kunowesifazane ohlezi ngemuva kwami. Unesifiso esijulile. Ukhulekela into ethize ukuba uNkulunkulu amnike yona. Yingane, ayikhulekelayo. Ukhona lapha emva kwami. UNkk. Holm, sukuma futhi ukholwe yiNkosi uNkulunkulu. Futhi uma uzokukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ungaba nayo ingane oyikhulekelayo.

207 Owesifazane uyangena, futhi ukhubazekile. Uhleli esihlalweni esinamasondo. Usemuva kwami. Akaveli kulengxenye yezwe. Uvela—uvela eSacramento, enyakatho yeSacramento. Ubegula kakhulu. Odokotela abakwazi ukumsiza. Ubesesibhedlela. Ube nokuhlinzwa okuningana. Unenkathazo yenso, inkathazo ngamathambo akhe. Unokuguliswa yimizwa nje, aze abe nezifo ezinhlobonhlobo nje. Ukabi kakhulu. UNkk. Beeler, lapho, phakamisa isandla sakho futhi ukholwe ukuthi iNkosi uJesu . . . futhi wenziwe . . . uNkulunkulu akubusise.

208 Uyakholwa na? UNkulunkulu usaphila futhi uyabusa. Uma ukukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho!

209 Nangu owesifazane omncane, ngiyambuka ehlezi lapha. Uphethwe yinkathazo yenanzi. Igama lakhe, angimazi. Kodwa uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi

ungubani, nenekazi na? UNkk. Berglund. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi ungaphiliswa. Uyakholwa.

210 Nanti inenekazi lihlezi khona ngapha, likhulekela umngani ovele nje waba nokusakazeka. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ungaba nakho lokho okucelile.

211 Kukhona inenekazi elihlezi lapho lihlushwa yikhanda. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Ungaphiliswa. Ungakungabazi. Kholwa nje. Uma Engesuye uNkulunkulu ofanayo, angazi ukuthi Ungubani. Ulapha uku—uku, uma uzokwemukela futhi ukukholwe.

212 [Udade ukhuluma ngolunye ulimi. Umfowethu unikeza incazo—Umhl.] Amen. Mayidunyiswe iNkosi.

213 Aniqondi yini ukuthi niseBukhoneni bukaNkulunkulu na? Niyakwenza lokho. Manje ngicabanga ukuthi sifanele senze kahle manje, emva kokuba uMoya ukhulumile, "Wozani kiMi, niNgikholwe, bantu baMi," ngicabanga ukuthi besifanele simele ukubizelwa e-altare khona manje, futhi makuthi labo abangamazi uKristu benyuke bazungeze i-altare lapha futhi baMemukele njengoMsindisi wenu. Uma ungakawemukeli uMoya oNgcwele, woza, nawe, wemukele uMoya oNgcwele, ngoba nje kungukuthi kuzokwenzeka. Ungeze manje ngenkathi sisathola indlela; othize uzohola ukucula. UMoya oNgcwele ubukhuluma. UNkulunkulu akubusise, dade. Kulungile. Omunye akaphume nalelinenekazi lapha. Khuphuka ngqo uma unalokho...uNkulunkulu akubusise, dade. EBukhoneni, lapho iBhayibheli, iZwi, ukuqinisa, iziphiwo, yonke into isebenza, akumangalisi khona manje na? Khuphukela ngqo e-altare. Phumani nehle kovulandi abasesitezi. Wena ngaphandle kukaNkulunkulu, ngaphandle kokugcwaliswa ngoMoya, woza manje sisacula.

> UJesu udlula ngapha,
> Ngalendlela, namuhla,
> UJesu udlula ngapha,
> Udlula ngapha namuhla.
>
> UJesu udlula ngapha,

Ningeke nize manje ngenkathi Esadlula, uMoya waKhe unyakaza, nithi, "Woza"?

> ...namuhla,
> UJesu udlula ngapha,
> Udlula ngapha namuhla.

214 Ningeke nize ngenkathi Esadlula na? Bukani ukuthi Wenzani phakathi kwenu, kukhombisa ukuthi Usenguye. Phumelani ngqo ngaphandle, wonke umphefumulo ongaMazi, ongazelwe kabusha. Ningeke nize manje ukufuna Yena na? Khumbulani, uMoya oNgcwele ofanayo uyanazi.

> ...indlela namuhla.

UJesu udlula ngapha,
Ngapha, namuhla,
O, uJesu udlula ngapha,
Udlula ngapha namuhla.

215 Manje makuthi wonke umphefumulo manje ongamazi uNkulunkulu, ukuthi awunasiqiniseko ngokuma kwakho. Qhubeka wehle. Unga—ungabi . . . Ungabinawo umqondo wokuhlakanipha wakho, mfowethu, dadewethu. Ungakwenzi lokho. Ungahle ukuba wenze noma yiluphi uhlobo lomuzwa. Ungahle ukuba ubenegazi ezandleni zakho, ebusweni bakho, ungahle ukuba ube nokuthuthumela, nokunye nokunye. Akukho lutho olumelene nalokho, manje, lokho kulungile. Ungahle ukuba ukhulume ngezilimi, ungahle ukuba usine eMoyeni, futhi ube ulokhu ulahlekile. Kunjalo. Kuzofanele kube ukuPhila okuzalelwe kuwe, okuthatha leliZwi futhi kuLenze liphile kabusha futhi. Niyabo, uKristu uyiZwi. Futhi uma ungenakho ukukholwa namanje ukuhamba ungene kuleloZwi futhi uLikholwe, angeke uze manje.

216 Njengoba iBandla likaNkulunkulu, njengoba ukuKhanya kwakusihlwa kuqala ukukhanyisa phansi, futhi u—umuthi uyavuthwa; uNkulunkulu wathi Uzobuyisela lowomuthi, lowomuthi ofanayo wepentecostal, uhlobo olufanayo lokuKholwa, into efanayo yonke ababenayo, lowomuthi uzobuyiselwa futhi; ngaphandle kwehlelo, ngaphandle kwanoma yini, kuyofika ngamandla alula kaMoya oNgcwele, efundisa iBhayibheli impela nje ngendlela Akwenza ngayo. Sithenjisiwe okukodwa ezinsukwini zokugcina, niyazi, ukuza nokubuyisela lokho kuKholwa. Ngakho ngiyakholwa ukuthi Ulapha kulobubusuku, esimweni sikaMoya oNgcwele. Wozani manje, ngenkathi sisacula futhi, ngakho sizoqiniseka ukuthi sikwenzile.

217 Manje khumbulani, uma le umoya . . . Nina bantu bePentecostal impela kholwani iziphiwo zenu zezilimi nokuhumusha! Uma ungeke ukukholwe lokho Akwenzile *lapha*, khona-ke kholwa yizilimi zakho nokuhumusha, kokubizela e-altare. Mabeze bonke. Uma ubona *lokho* kusebenza, *lokhu* kusebenza, uNkulunkulu esebenza, ngani, nguNkulunkulu! Kakhulu kangakanani, nanti iZwi lapha liKuqinisa, lithi Yiqiniso. Wozani. Kanye futhi manje, futhi wozani manje.

UJesu udlula ngapha,
Namuhla, namuhla,
UJesu udlula ngapha,
Udlula ngapha namuhla.

218 Manje makuthi labo abakholwa kuNkulunkulu, abefundisi abangcwele ngempela ne—nezinceku zikaKristu, wozani, niphuma, ngenkathi sisacula futhi manje. Sondelani eduze ne-altare, ngakulaba lapha. Futhi asikhuleke nabo, ndawonye.

Wozani. Ngeke nize lapha na? Angikwazi ukufinyelela kubo, bonke, ngezandla zami. Ngifuna nina nize. Abanye benu bafowethu abakhonzisayo yehlelani phakathi kwabo ezansi lapho manje, ukuze nizobathinta futhi nibeke izandla zenu kubo. Kulungile. Wena owazi uNkulunkulu, woza, yenyuka uzungeze lapha, abanye benu nina besifazane nalaba besifazane, wena ndoda nalawa indoda. Yenyukelani lapha manje. Lokhu ngu— ngumyalo kaNkulunkulu. Yenyukani manje, nina bantu. Lokho, yilokho-ke, leso yisikhathi. Abanye benu bomama abesaba uNkulunkulu nabanye benu bafowethu abesaba uNkulunkulu, yenyukelani ngapha manje ukuze nizokwazi ukubeka izandla zenu phezu kwabo, ekuqiniseni, nibeka izandla zenu phezu kwabo ukuthi bazokwemukela uMoya oNgcwele. Kulungile. Manje, yilokho-ke. Yilokho-ke.

219 Manje, uzeleni na? Ngoba uyakholwa. Unelisekile ukuthi uNkulunkulu uphakathi kwethu. Ulapha kulobubusuku. Ulapha esebenza ngezibonakaliso ezinkulu nezimangaliso.

220 Ngenani ngqo nisondele, wonke umuntu. Ngenani ngqo ukuze abantu bezoba nendawo eningi kakhulu. Ngenani ngqo nisondele. Kunabaningi abezayo behla ngezikhala zezihlalo, niyabo. Ngenani nje nisondele.

221 Bangaki ezethamelini okhathazekile ngalababantu bemi lapha manje, ngensindiso yemiphefumulo yabo, phakamisa isandla sakho. Kulungile. Makuthi sonke kanyekanye manje manje, siphakamise izandla zethu kuNkulunkulu, futhi sicele umkhuleko.

222 Baba wethu waseZulwini, siletha kuWe kulobubusuku lezi zethameli, noMoya oNgcwele phakathi kwethu, okhona manje, wenza iZwi laKhe liphile kabusha futhi. Gcwalisa yonke inhliziyo, Nkosi. Woza ngamandla kaMoya. Siphe khona, Nkosi. Xosha konke ukwesaba, wonke udeveli. Ngena ngamandla kaNkulunkulu, futhi wengamele lemiphefumulo. EGameni likaJesu Kristu, ngibanikela kuWe ngenkazimulo yaKho.

